# UJesu Uzigcina Zonke IZikhathi ZaKhe Azinqumele Ukubonana

Sibe silokhu simile umzuzwana nje, futhi sikhothamise amakhanda ethu senzele izwi lomkhuleko. Futhi manje njengoba amakhanda ethu ekhotheme, nezinhliziyo zethu, a—angazi noma, lobu kungubusuku esibubeke eceleni manje, bo—bobusuku bensindiso, ngokuza kuKristu futhi semukela uMoya oNgcwele, angazi ukuthi bangaki onesicelo, futhi abangathanda ukusho lokhu, "Nkosi Nkulunkulu, ngikhumbule. Ngifuna ukuba kahle, naWe, manje"? Ningaziphakamisela phezulu izandla zenu na? INkosi inibusise.

2 Baba wethu waseZulwini, sibonga kakhulu ngoBukhona baKho, nangabantu abanhliziyo-ziqotho abakholwa ngempela ukuthi—ukuthi Uyeza, futhi ba—bafanele balungele lesisehlakalo esikhulu umhlaba wonke obusilindele, zonke lezizinkulungwane zeminyaka. Futhi siyaphila nje, njengoba kwakunjalo, sibhekisisa isikhathi nomlando kuphuma, nePhakade liqala ukungena. Futhi sibona lokhu kubonakala, ngakho izinhliziyo zethu zifudunyezwa ngokuxakile. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzohlolisisa izinhliziyo zethu kulobubusuku futhi usivivinye. Futhi uma kubakhona noma yisiphi isono kithi, Nkosi, sikhiphe. Siqaphelile kuleliviki, eBukhoneni baKho obukhulu, njengoba siKubhekisisile phezu kwalokhu, phakathi kwalelibandla, wehla ngqo futhi uvumbulula yona impela imicabango yenhliziyo, futhi uyembula kithi, usitshela lezizinto. Manje, kulobubusuku, Nkosi, sifuna izinhliziyo zethu ukuba zibe neqiniso futhi zilungisane naWe. Sikhulekela ukuthi Uzobusisa.

3 Lapha phezu komsamo, noma ipulpiti, kubekwe ibhokisi lamaduku, amaphasela amancane eliya kwabadingayo. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, njengoba—njengoba ethunyelwa esuka kulendawo, lapho umkhuleko wenziwe khona, nokukholwa ukukholwa uNkulunkulu, ukuthi—ukuthi onke amaduku lapha, nayo yonke indwangu encane nephasela okuthinta abagulayo, kwangathi bangaphiliswa. Ngoba, lezizethameli nathi, ndawonye, sifuna nganhliziyonye ukuthi Uzobaphilisa, Baba. Siyisikhumbuzo esisicelile. Wena wathi, "Celani futhi niyakuphiwa. Futhi uma nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela enikucelayo." Ngiyakholwa, Nkosi. Sonke siyakholwa. Futhi kuceliwe. Manje makwenziwe ngenxa

yoMbuso kaNkulunkulu, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

4 Awu, kuhle ngempela ukubuyela e—ehholo futhi kulobubusuku, naphansi kwamathemba amakhulu ngeNkosi ukuba isivakashele kulobubusuku, njengoba sibeke lobubusuku eceleni, ekukhulekeleni abagulayo, e. . . ukufuna insindiso yemiphefumulo yethu. Ngamunye wethu udinga siphinde sinikele kabusha izimpilo zethu. Futhi kuleliviki sibone uBukhona bukaJesu Kristu, umBhalo oqinisekisiwe, Yena ekhona lapha phakathi kwethu, sibhekisisa Akwenza. Izinto ezifanayo Azenza emhlabeni ngenkathi Wayelapha ngaphambili, Yena ekwenza ngokufanayo nje. Manje, uma sibona enkonzweni njengoba yenyuka, njengoba nje sikhulela osukwini oluphelele, ibandla eliphelele. Saqala ukuphuma . . . Njengoba nje—njengoba besisho kulokhu ukusa.

5 Enhlanganyelweni yethu encane ethandekayo, kulokhu ukusa, impela sibe nesikhathi esimnandi ngalokho kudla kwasekuseni. Ngibonga abazalwane ngobambiswano lwabo oluhle. Ngifanele ngixhawule abaningi babo, lamadoda akahle exhasa lomhlangano, esiletha phakathi lapha. Uku . . . Kukhombisa ukuthi akhathalele abantu bawo. Angabelusi bezimvu, futhi akhathalele izimvu zawo. Futhi ngakho ngi—ngiyabonga ukuthi amanye alawa . . . Noma yimuphi umelusi wezimvu ukhathalele ukuthola izimvu zakhe zinamavithamini. Nalawa ngamavithamini okomoya, njengoba kwakunjalo, a—asiza imvu ikhule ibe nokukholwa okunamandla kuNkulunkulu wethu. Futhi ngakho ngi—ngiyawathokozela amadoda anjalo.

6 Futhi manje, ngikhuluma kulokhu ukusa ngomcabango weBandla likhula, niyabo, liza njengeMbewu emhlabathini. NaleyoMbewu, njengoba itshaliwe, ikhula isuka enkazimulweni iya enkazimulweni. Futhi iba, emva kwesikhashana, ngeqhakazayo, bese-ke ibuyela embewini. Lokho kufana neMbewu yasekuqaleni eyatshalwa. Futhi kanjalo neBandla belinjalo. Unyaka webandla waqala, ngalolu izinsuku zokugcina . . .

7 Emva kweminyaka yezikhathi zobumnyama, waqala ngoMartin Luther, enguqukweni, eshumayela ukulungisiswa ngokukholwa. Emva kwesikhathi sakhe, futhi bahlela ibandla, laphela.

8 Kwase-ke, phakathi lapho, kufika uZwingli, emva kukaLuther. NoZwingli akakholelwanga ngisho nasekuzaleni kwentombi. Wawelela eSwitzerland. Basalokhu bengakholwa, emfundisweni kaZwingli, abakholwa ukuthi uJesu wazalwa yintombi. Bathi Wayeyindodana kaJosefa, *ethiwa* yiNdodana kaNkulunkulu.

9 Kodwa lokho kususa sonke isisekelo ngaphansi, sonke isisekelo sobuKristu. Wazalwa intombi, kungenjalo Ungumuntu nje njengani noma nami. WayeyiNdodana kaNkulunkulu.

Kwase-ke, emva kwalokho, kufika uCalvin, kuqhubeke njalonjalo.

10 Ekugcineni, ibandla langena esimweni esinjalo lapho, ladingeka libe nenye inguquko. Futhi uNkulunkulu wathumela uJohn Wesley enomlayezo wokungcweliswa, ukuhlanzeka kukamoya. Kwase kuthi-ke yena noWhitefield, nabaningi babo baqhubekela enguqukweni enkulu, noAsbury. Beza eUnited States. Naleyomvuselelo enkulu yasindisa iNgilandi nezwe, ngalesosikhathi.

11 Benzani na? Emva kokuba labobaqambi sebephelile, baqala ukuhlela phezu kwemfundiso yabo, futhi, into yokuqala niyazi, benza inhlangano. Sase-ke siba nabanye abaqembukayo lapho, njengoAlexander Campbell, uJohn Smith, nebandla lamaBaptisti, kanjalonjalo. Kwase kuthi-ke iNazaretha, iPilgrim Holiness, nabanye beza.

12 Kwase kuthi-ke kufika inguquko enkulu futhi, iPhentekoste, iphuma kulezozinhlangano, nokubuyiselwa kweziphiwo; ukukhuluma ngezilimi, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Izimangaliso ezinkulu nezibonakaliso ziphuma. Ezahamba isikhathi eside. Sekube ngamashumi amahlanu, cishe iminyaka engamashumi amahlanu nesishiyagalombili manje, selokhu uMoya oNgcwele uqala ukwehla eMgwaqeni omdala uAzusa phandle eCalifornia. Lapha eUnited States, lapho Owaqala khona ukwehla, isikhathi esikhulu siyafika.

13 Manje-ke, yenzani iPhentekoste na? Omunye wazenzela inhlangano. Oyedwa wathi, "Uza ngehhashi elimhlophe"; omunye, "Ngefu elimhlophe." Futhi basuka bahamba, ezinhlanganweni, base behlukana, behlakaza ubuzalwane babo phakathi kwabantu.

14 Futhi njengoIsrayeli nje. Ukuba wayazi uIsrayeli ukuthi ngenkathi bememeza ngokunqoba osebeni lomfula, base benohambo cishe lwezinsuku ezine kuphela, cishe amamayela angamashumi amane, ukusuka ezweni elithenjisiwe. Babengaqondi ukuthi babeneminyaka engamashumi amane, okwakuzobathatha yona. Kodwa kwakuyini na? Umusa wawubahlinzeke ngomprofethi, iNsika yoMlilo, iwundlu elihlatshiwe, ukukhululwa. Futhi babesalokhu befuna umthetho. Bafuna into ethize ababengaba nento ethize ukuba bayenzele kukho. Bafuna ukubeka izandla zabo kukho. Lelo kwakuyiphutha eliwukufa eledlula konke abake balenza, kuEksodusi 19, ngenkathi uIsrayeli enqaba umusa futhi wavuma umthetho.

15 Kwase kuthi-ke benzani na? Wavele nje wabayekela bahlala khona lapho ehlane iminyaka engamashumi amane. Batshala

izivini, futhi badla isithelo, futhi baganwa abafazi, futhi bakhulisa abantwana, kwaze kwathi lesosizukulwane esidala safa nesinye isizukulwane siyafika. Iminyaka engamashumi amane kamuva, futhi bengaqhelile impela nje ngamahora angamashumi amane, kodwa badingeka balinde iminyaka engamashumi amane ngaphambi kokuba bawele. Kwase-ke kungena umholi omusha, uJoshuwa, base beqhubekela ezweni, neqembu elisha.

16 Manje, ngicabanga ukuthi ngumfanekiso omuhle ngempela lapha, esiwutholayo. Kudala, ngenkathi okhokho bethu ePhentekoste, bavuka. BabenoMkhandlu omdala wabantu Bonke, kulokho kwabumbeka iAssemblies of God. Kulokho kuvela iUPC, kwase-ke kuba yiUnited, kanjalonjalo, baze bathola inhlangano emva kwezinhlangano, beqophisana futhi belwa. UNkulunkulu wavele nje wabayekela behlezi khona lapho, baganwa abafazi, bakhulisa abantwana, bakhuluma ngezilimi, bamemeza eMoyeni. Kodwa manje kuneqembu elisha eliqubukayo. Base benezinsuku ezimbalwa nje kuphela ukusuka ezweni elithenjisiwe. Zonke lezizibusiso ababenazo kwakukuhle. Kodwa, khumbulani, lonke izwe lalingelabo. Manje silungela ukuyongena eZweni eliThenjisiwe, ngakho iNkosi mayisisize lapho sibuka phezu kwalezizinto. Niyabo?

17 Njengesivivane nje. Niqaphelile ukuthi isivivane senziwa kanjani na? Hhayi imfundiso yesivivane manje; isivivane nje.

18 Buka emalini yakho eyidola elilodwa. Uphawu lwaseUnited States yilolokhozi. Awu, kusholoni khona lapho esivivaneni, "UPhawu oluKhulu"? Kungani lube lukhulu kakhulu lapha kuneUnited States no—nophawu lweUnited States; uPhawu oluKhulu, iso, libhekisisa na?

19 Ne—netshe lokuvala phezulu eliya phezu kwesivivane, kwaku. . . lenqatshwa. Alizange libe sesivivaneni, alikho kuze kube yilolusuku; iTshe laseSikoni, basho njalo. Kodwa alizange libekwe phezulu, itshe lokuvala phezulu. Ngani na? Ngenkathi uEnoke nabo, ngezinsuku zangasekuqaleni, wakha izivivane phansi eGibhithe, siyathola, futhi phakathi lapho, babazi ukuthi itshe legumbi, itshe lokuvala phezulu, lalizonqatshwa. Nalesosivivane sibekwe ngokuphelele kakhulu ndawonye baze bangadingi nosimende. Laligwedwa ngokobukhenika kakhulu ngangokuthi itshe elilodwa lenela kwelinye, ngokubambana ngqi, ungeke ukwazi ngisho nokufaka ucwephe lereza phakathi kwawo. Manje, sasilokhu sinqwabelana nje siya phezulu, futhi manje sesilolongekile sonke, esiqongweni, silungele itshe lokuvala phezulu lapho liyofika khona.

20 Yileyondlela uNkulunkulu alethe ngayo iBandla laKhe, kusuka ekulungisisweni, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi manje inkonzo kaMoya oyilokho

okuphilisa iZwi. Leyonkonzo eBandleni iyofanele impela nje ifane neyaKhe.

21 Njengalena nje, uma isithunzi sami lapha, sesandla sami . . . Uma ngingasiboni neze isandla sami, ngibone isithunzi, wuhlobo lwe . . . Siyaphaphatheka, lapho siqhela. Kodwa lapho sisondela kakhulu futhi sisondela kakhulu, isithunzi sesithombe sangempela nesithombe sangempela kuhlangana ndawonye, zize zombili zibe yinto eyodwa.

22 Futhi lokho ngempela kungenkathi iBandla neZwi kuzofanele kube kunye, njengoba uJesu noNkulunkulu wayemunye, impela nje. Ba . . . UNkulunkulu une, wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe. Futhi kanjalo uKristu uzofanele abe seBandleni, abagcotshelwe iZwi, ukwenza yonke into igcwaliseke. Nalelo yiTshe lokuvala phezulu eliza phezu konyaka webandla wokugcina. Hhayi iLawodikeya, manje. Kungukubizwa liphume kulokho, uMlobokazi aphume ebandleni, iBandla liphuma ebandleni, ngamany'amazwi, njengoba nje Wabiza isizwe siphume esizweni, eGibhithe. Futhi manje siphila kulolosuku, futhi siyabonga ngalezizinto ezinkulu ekade sizibona.

23 Manje, kusasa ntambama, iNkosi ithanda, kuzoba ngukuvalwa kwalenkonzo, lengxenye yenkonzo. Futhi sizoyikhethela leyo ngakho konke ukukhulekela abagulayo. Nawo wonke umuntu ofuna ukukhulekelwa angaphuma futhi athole ikhadi lomkhuleko, ukuba eze ngomugqa womkhuleko. Manje, isizathu sikhipha amakhadi omkhuleko kulaba, ngukubagcina beshaye umugqa. Bese kuthi-ke, uma ungakwenzi, balokhu bedlula nje ngapha, ngapha, ngapha, niyabo. Bona, ngakho u . . . Sibanika ikhadi lomkhuleko. Unekhadi lomkhuleko, bese ungena emgqeni. Futhi nizobona futhi nikholwe, nizobona inkazimulo kaNkulunkulu yenzeka. Kuzoba kukhulu.

24 Futhi manje siyanibonga ngakho konke enikwenzile, nangokwemukelwa okukhulu esibe nakho phakathi kwalababafowethu abangabefundisi kanjalonjalo.

25 Manje, kusasa yiSonto, nalamabandla azobe evulile. Akuzukubakhona nkonzo lapha kusasa ekuseni. Kuzoba noSonto sikole. Nani zivakashi . . . Nginabanye abangane phakathi lapha, qobo lwami, o—onathi enhlanganweni, nabanye owehla evela edolobheni lakithi, lapha ukuba babenathi.

26 Manje, lawa ngamadoda exhasa lomhlangano. Ayalukholwa loluhlobo lomhlangano. Ukuba bengakhe lapha kulelidolobha, bengiyoba ngowelinye lamabandla abo. Impela bengiyokwenza, ngoba akholwa yinto efanayo engiyikholwayo. Futhi bengiyoba ngomunye wamabandla abo, ukuba bengakhe lapha.

27 Nawe onikele impilo yakho kuKristu kuleliviki, futhi ungenalo ibandla lakini, awukuxoxisani ngani nabo na?

Bakholwa yilento efanayo, kungenjalo bebengeke bahlale phezulu lapha bekumele. Niyabo? Ngakho manje, zi—zi—zitholele elihle, lalamabandla amahle, kusasa, bese uya kulo. Ngiqinisekile bazokwenzela okuhle. Bazokusiza. Bazokusiza ukuba ukholwe. Futhi uma ungakabhaphathizwa, babuze. Uma ungakamemukeli uMoya oNgcwele, babuze ngawo. Futhi bazokusiza uqhubekele ngqo uze uyofika kuKristu, futhi bakweluse wehlele njalo emgwaqeni aze Abuye. Manje, iNkosi inibusise ngamunye wenu.

28 Futhi manje, niyazi, amaPresbyterian ahlala njalo esukuma futhi ahlale phansi, basho njalo. Futhi angisiyo iPresbyterian. Kodwa ngiyakholwa ukuthi uma sifunda iZwi sifanele sime, ngoba kungukuhlonipha kuNkulunkulu, ukuma. Njengoba nje sisaluthela iflege, noma senza isithembiso sokuthobela, noma yini okunye.

29 Futhi manje, okwalobubusuku, ngikhethe okunye ukufundwa komBhalo lapha, eNcwadini kaLuka oNgcwele, isahluko 7, siqale ngevesi 36.

30 Futhi manje, lonke iviki gulukunqu kade ngisebenza e—emcabangweni ofika kimi, emgwaqeni ngehlela lapha, ekutheni, "Ukwembulwa kukaNkulunkulu onamandla." Kodwa ngenkathi sengiqedile, ngibuka imiBhalo yami nezinto, benginamakhasi acishe abe ngamashumi amabili. Ngakho bengingasoze ngaqeda kulokho, kungehora lapha. Ngakho ngicabange ukuthi bengizodingeka ngikushintshe kulobubusuku, ngakho nginakho.

31 Ngikholwa ukuthi yintando yeNkosi ukuba ngisho lezizinto. Manje, esahlukweni 7 sikaLuka oNgcwele, nevesi 36.

> . . .*omunye wabaFarisi wammema ukuba adle naye. Esengene endlini yomFarisi, wahlala ekudleni.*
>
> *Futhi, bheka, kwakukhona emzini, owesifazane oyisoni, wathi esazi ukuthi uJesu uhlezi ekudleni endlini yomFarisi, weza nomfuma wamafutha,*
>
> *Wema emuva ngasezinyaweni zakhe ekhala, waqala ukugeza izinyawo zakhe ngezinyembezi, wazesula ngezinwele zekhanda lakhe, wazanga izinyawo zakhe, wazigcoba ngamafutha.*
>
> *Manje kuthe umFarisi obemmemile ekubona, wazindla wathi,* (khumbulani, engakhulumi kakhulu), *wazindla, wathi,* Uma lomuntu. . .ube*ngumprofethi,* ubeyo*mazi lowesifazane* omthintile *ukuba ungubani nokuba unjani. . .ngokuba uyisoni.*
>
> *Futhi uJesu* waphendula futhi *wathi kuye, Simoni, kukhona engifuna ukukukhuluma kuwe. Futhi* wathi, *Mfundisi, khuluma-ke.*

*Kwakukhona abantu ababili abanamacala kumtshelekisi othile:* futhi babenecala . . . *icala lomunye lalingodenariyu abangamakhulu ayisihlanu, elomunye amashumi ayisihlanu.*

*Futhi bengenanto yokukhokha, wabayekela bobabili. Futhi wathi kuye, Yimuphi kubo konje oyakumthanda kakhulu na?*

*USimoni waphendula wathi, Ngithi yilowo, amyekela okukhulu. Futhi wathi kuye,* U*nqume kahle.*

*Ephendukela kowesifazane, wathi kuSimoni, Uyambona lowesifazane na? Ngingene endlini* yakho, *awu*nginiki *amanzi ezinyawo zami: kepha yena uzigezile izinyawo zami ngezinyembezi, futhi* wa*zesula ngezinwele zekhanda lakhe.*

*Awungangi: kepha lo wesifazane yilokhu ngingenile* aka*yekanga ukwanga izinyawo zami.*

*Ikhanda lami awuligcobanga ngamafutha: kepha lowesifazane uzigcobile izinyawo zami ngama*futha.

*Ngenxa yalokho ngithi* kuye . . . *ngithi kuwe, Izono zakhe, ezingi, zithethelelwe; ngokuba uthandile kakhulu: kepha othethelelwa okuncane, uthanda kancane.*

*Wayesethi kuye, Zithethelelwe izono zakho.*

*Ababehlezi naye ekudleni* baqala *ukusho phakathi kwabo ukuthi, Ngubani lo othethelela nezono na?*

*Kepha wathi kowesifazane, Ukukholwa kwakho kukusindisile; hamba ube nokuthula.*

32 Asikhuleke.

33 Nkosi Jesu, lendaba yenzeke eminyakeni eminingi eyedlule. Kodwa yindaba eyiqiniso, ngokuba ilotshwe emakhasini eBhayibheli lethu, futhi siyazi ukuthi iyiqiniso. Futhi manje besingeke nhlobo sazama ukufanekisa lokhu futhi kulobubusuku, kodwa sithanda ukuba Wena usisize ukuba silethe lokhu njengomlayezo kulobubusuku kubantu, ukuze babone ukuthi—ukuthi Wena useyiyo iNkosi uJesu ofanayo. Futhi sikhulekela izibusiso zaKho phezu kwethu sonke, njengoba singabantu abadingayo. Sinokudinga Wena, Nkosi.

34 Futhi siyakholwa, kulobubusuku, nakuba siKubona wenza izimpumputhe zibone, nezithulu zizwe, nezinyonga zihambe, na—nangezitatimende zikadokotela sikubonile Uvusa abantu abahlanu ekufeni, ngezikhathi ezehlukene, ezizweni ezehlukene; kodwa nokho, Nkosi, ngiyakholwa, into egula kakhulu ukwedlula zonke engazi ngazo kulobubusuku ngumzimba kaKristu lapha emhlabeni, ibandla. Ligula ngempela. Liphilise kulobubusuku, Nkosi. Lengxenye ehlezi lapha ndawonye, lesi—

lesisigejane esigogobala lapha e—eTampa, lesisigejane sabantu abathandekayo, Nkosi, philisa sonke isilonda kulobubusuku. UMoya oNgcwele awusiphe lokhu, ngokuba siKucela eGameni likaJesu, nangodumo lwaKhe nangenkazimulo yaKhe, lapha kulelidolobha lapho esingabahambayo khona. Amen.

35 Ningahlala phansi. Uma bengingakubiza manje, okwemizuzwana embalwa nje . . . Futhi ngingazami, ubusuku ngabunye . . .

36 Ngifanele ngixolise kini. Ngenxa yokuthi nibe kahle kakhulu, futhi niyizethameli ezilula kangako nje ukushumayela kuzo, uze ungazi nje ukuthi uyeka nini. Nalokho kwenza umfundisi azi ukuthi niyazondla, noma nemukela amaZwi engiwashoyo.

37 Ngiza kini ngenkathi kade ngi . . . Ngikhathele ukwedlula konke engake ngaba yikho, phakathi angazi nini. Niyabo, angikaze ngiyeke selokhu kwaba nguKhisimuzi.

Ngisuka ngqo lapha ngiya eTucson, bese ngiqala futhi.

38 Ngisuka ngqo lapho, futhi ngiya eBritish Columbia, ukuyobhaphathiza sonke isizwe samaNdiya engasiholela kuKristu, sasiyiKatolika kuqala, ekwindla edlule, ngenkathi ngangisohambweni lokuyozingela. Neqembu lonke lanikela inhliziyo yalo kuKristu, ngokuphiliswa kukamama, omunye womama. Ukuthi, odokotela, akukho-namunye, owayengamthinta. Wayelele, efa. Futhi bafuna ngibuye, masinya nje uma iayisi selincibikalile. Niyabo, liba ngaphansi kwezingaqhwa elingamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu lapho. Futhi ngakho, no ayisi wancibilika, ngiyawathatha, futhi onke.

39 Esikhulu isigejane sabacuphi nabazingeli, phansi phezulu eMgwaqeni omkhulu waseAlaska, bonke bahlangana nami, ukuba babhaphathizwe futhi bemukela uKristu. Babone iNkosi iveza umbono wento ethize, lapho ibhere elithize elalizobakhona, ukuthi lalizosinda kangakanani, ukuthi hlobo luni elaliyilo, nokuthi kukuphi lapho isilwane esithize esasizobe sihlezi khona; kanjani, ukuthi ubani owayezoba lapho, nokuthi bayobe begqokeni, nakho konke ngakho. Futhi yabatshela kungakenzeki. Base bathi, "Akusilo ngisho nalolohlobo lwezinto kulelizwe." Futhi saqonda ngqo kukho. Kwenzeka, izwi ngezwi. Imiklomelo ilenga ekamelweni lami namhlanje. Niyabo? Bathi, "Sifuna ukubhaphathizwa nathi." Amadoda anesihluku, kodwa, niyazi, Unembewu elele ndawo zonke.

40 Indaba yami kulobubusuku ithi: *UJesu Uzigcina Zonke IZikhathi ZaKhe Azinqumele Ukubonana*. Ngifuna nibeke lokho engqondweni yenu njengoba sikhuluma. Futhi a—angizukukhuluma isikhathi eside kakhulu. Futhi ngifuna nikucabangisise manje. Khumbulani, nizofanele nihlangane naLona okhona enathi kulobubusuku, ngoluny'usuku.

41 Manje, kufanele ukuthi cishe impela kwase kusekushoneni kwelanga, ngenkathi inkundla yethu iqala ukuphuma kulobubusuku. Kufanele ukuthi kwase kuthi akube sekushoneni kwelanga. Nalesisigijimi sasigijime usuku lonke, mhlawumbe izinsuku ezimbili noma ezintathu. Sasizama ukuMthola. Sehla, mhlawumbe, cishe impela, sisuka kwaDani siya eBesheba.

42 Ngoba, uJesu, enkonzweni yaKhe, wayehamba. "Khuluma lapha," enze izibonakaliso zaKhe nezimanga, nabantu babebuthana bonke. Wayesuka, kwenye indawo ethize. "Ngifanele ngiye kwelinye idolobha."

43 Futhi sasikade sinesikhathi esinzima. Mhlampe sasikade siwelele eCapernawume, futhi bathi, "Kungani, Wahamba lapha evikini eledlule. Asazi ngempela ukuthi Wayaphi, kodwa Waya kweny'indawo." Futhi sona, o, sasikhathele. Izinwele zaso zazimanzi umjuluko, imilenze yaso yayinothuli futhi imfoma umjuluko, futhi lapho senyukela enhlanganweni lapho uJesu wayekade ekhuluma khona.

44 NoJesu naye wayekhathele. Wayekade ekhuluma usuku lonke. Umlomo waKhe wawomile, ngenxa yokukhuluma kakhulu. Nezandla zaKhe ziqala ukubukeka zivevezela, namehlo aKhe ekhandlekile, lapho ilanga liqala ukushona.

Futhi sasifuna ukubona uJesu. Sasinomlayezo waKhe.

45 Futhi manje, uJesu wayenamadoda ayishumi nambili eMzungezile, ayeqhelisa abantu kuYe, ngoba babengena nje phezu kwaKhe. Futhi ngakho ba . . . Ngenza lokhu ngokusamdlalo wasesiteji, ukuze wonke umuntu akwazi ukukubamba. Futhi ngakho siyathola ukuthi, kulokhu, amadoda kaJesu, sifanele ukuthi seza . . . Ake sithi siza kuFiliphu. NoFiliphu ngahle ukuba washo into ethize njengale, "Mnumzane," noma, "Nsizwa, besingathanda ngempela ukukuvumela ubone iNkosi, kodwa—kodwa Ikhathele kakhulu. Thina, sifanele nje siYiqaphe, ngoba I—Ihamba ize icishe impela Iwe. Futhi kade sisemihlanganweni eminingi kakhulu nokunye nokunye, esikhathini esisanda kwedlula, kwaze kwaba ngukuthi, ngiyaxolisa, angikholwa ukuthi singakwenza."

46 "Kodwa," sithi, "Ngi—nginenothi lapha, elivela kumuntu osemqoka kakhulu ezindaweni zamazinga enkolo. Futhi yisimemo seNkosi yenu, okuzoba yinto enkulu—enkulu uma—uma Izohamba. Futhi ngifanele ngiYibone. Ngoba, ngithunyiwe, ukuthi ngifanele ngithathe lelinothi ngiliyise kuYo, futhi ngibone ukuthi Iyalithola siqu sayo."

47 Ngakho, ekugcineni, basenyusela eNkosini uJesu. Futhi ngenkathi Isasibuka, iNkosi uJesu; mhlampe ishiya indawo yaYo (ipulpiti) isuka lapho Eyayikade ikhuluma khona, lapho abafundi nabo babekade beYilungiselele ukuba ikhulume khona. Njengoba Yabuka, ngani, Yayibuka insizwa. Ifanele ukuthi yayithanda.

48 Nensizwa yaYitshela. Yathi, "Ngise—semsebenzini wokuthunywa, Mnumzane. Futhi kunomuntu onesikhundla esiphezulu kakhulu ezansi edolobheni elithize. Futhi ungumFarisi, onomthetho oqine ukwedlula izinkolo. Futhi we—wenza i—idina, isikhathi esikhulu, idili lesidlo. Futhi ufuna Wena uze, ukuba ube yisimenywa esiqavile. Futhi uyi... Abaningi bangathanda ukwethamela lelidili lesidlo, kodwa uqoke Wena. Futhi sengibe nezinsuku ezintathu ngizama ukuKuthola, ezweni lonke. Futhi ngijabule ngempela ukufika lapha, Mnuzmane. Futhi ngizokwethula lelinothi kuWe, elivela kukho, nelivela kuye."

49 Wayeselithatha inothi wayeselifunda. Futhi sithola ukuthi lomFarisi othize wayene...wayenza idili, futhi—futhi wayeMmeme ukuba ehle futhi abe yisimenywa esiqavile naye. Ngakho, uJesu emi imizuzwana embalwa futhi ebuka insizwa.

50 Futhi nokho ebhizi impela nje njengoba Wayenjalo, kodwa ungeke waMmema neze Angezi. Angikhathali ukuthi isimo sinjani, Uyoza.

51 Wathi, "Utshele inkosi yakho—yakho ukuthi Ngiyoba khona. Ngalolusuku oluthize, ngalesisikhathi esithize, Ngiyoba khona."

52 Nesigijimi kufanele ukuthi samamatheka, seneliswa, futhi sajika sahamba, sasesisuka sigijima sehla egqumeni ukuba sibuyisele izindaba ezinhle enkosini yaso, ukuthi sasiphumelele ekufinyeleliseni umlayezo kuLona eyayimfuna.

53 Kwakuyini indaba ngalesosigijimi na? Kwakungaba kanjani na? Ngabe sasinakho ukuzwa ngalokho esikwenzile na? Okokuqala, mhlawumbe, empilweni yaso, ukuba sike size sime eBukhoneni bukaJesu, futhi asizange sicele ngisho ukuthethelelwa kwezono zaso. Asizange—asizange silithathe ithuba.

54 O, ukuthi kuyindlela efana kanjani kubantu namhlanje. Izikhathi eziningi ba—bayaqonda ukuthi baseBukhoneni baKhe, futhi—futhi bangaceli neze ukuthethelelwa.

55 Awu, lokho, yena—yena angahle ukuba akalethulanga ithuba ngesinye isikhathi, futhi walenqaba ithuba lakhe lokugcina ukuba acele ukuthethelelwa. Wayengaze akwenze kanjani lokho na? Wayengaze akwenze kanjani lomfana aze azisongele kangaka ekuletheni lomlayezo ovela enkosini yakhe, ukuthi wehluleka, eBukhoneni beNdodana kaNkulunkulu, ukuba acele ukuthethelelwa na? Konke kwakuludaba oluphathelene nebhizinisi.

56 Futhi, niyazi, lokho yinto ethize njengabantu namhlanje. Ibandla, uKristu, sekuphenduke u—u—udaba lwebhizinisi, noma udaba lokuhlalisana kwabantu, ukujoyina ibandla bese uthola nje ukuma kokuhlalisana kwabantu okungconywana kwebhizinisi lakho noma okuthize. Ume uthe qekelele

kangconywana kowakhelene nabo. Akusiyo into ngempela yo—yokuza nokuphenduka, njengoba i—isoni sifanele senze. Izikhathi eziningi, ebandleni, abantu bangeniswa ngqo eBukhoneni bukaKristu, bese benqandeka futhi benze into eyiphutha eliwukufa njengoba nje kwenza lesisigijimi.

57 O, sasifanele siwe ngamadolo aso, futhi ngenkathi kuqala siqonda ukuthi WayenguBani, futhi sona sithi, "Nkosi, nginomlayezo waKho, kodwa, kuqala, ngifuna Ungithethelele." Lokho kwakuyoba ngukusondela okukahle. Futhi manje-ke uma likhona ibhizinisi elifanele lenziwe, lelo malenziwe kamuva. Kodwa, kuqala, alungise umphefumulo wakhe noNkulunkulu.

58 Yingakho ngicabanga ukuthi ukuphilisa okukhulu kangaka kuba ngokwehlulekayo, noma abazisho ukuthi bayaphilisa. Ngoba, indawo yokuqala, abantu abakulungele ukuphiliswa. Bangeke bawavume amaphutha abo. IBhayibheli lathi, "Vumani amaphutha enu komunye nomunye, futhi nikhulekelane." Futhi asivumi ukwenza lokho. Uma singathatha ukuphilisa futhi siqhubeke, futhi sibuyele emuva futhi senze ebesikwenza, bebeyokwemukela lokho. Kodwa uma sekufika ngempela, kuqala, sifika futhi silungisane noNkulunkulu, abantu abafuni ukwenza lokho. Futhi yingalesosizathu kuphosa i—isidangalisi phezu kokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Nibona abantu abaningi kakhulu abangena kanjalo, bese bephuma behamba, futhi bangakwenzi. NoNkulunkulu wazi konke ngalezozinto.

59 Manje, lomfo wenza into eyiphutha eliwukufa ngempela, ebesingayicabanga. Besingacabanga ukuthi, "Ukuba kuphela ngangithathe indawo yakhe. Ukuba bengingenyukela phambi kwesiHlalo saKhe sobukhosi, futhi—futhi ngithathe umlayezo, into yokuqala ebengiyoyenza . . . " Ubuyokwenzenjani, ukhathalele lokho inhlangano yakho ebikuthumele khona enhla lapho ukuyothola ngakho na? Noma, ubuyoqalaza, ukubona ukuthi iZulu belihlotshiswe kanjani na? Noma, eBukhoneni baKhe, into yokuqala ubuyothi, "Nkosi Nkulunkulu, ngithethelele, isoni"? Leyo bekuyoba yinto enhle ukuyenza.

60 Manje, lapho uJesu ebhekisisa umfana, futhi lapho esuka ehamba, kungahle kufike emqondweni waKhe, "Akakwenzanga ngani lowomfana lokho na?" Kwakuyingoba wayengenakho ukuzwa ukuthi lowo kwakunguBani.

61 Mangisho lokhu, kungesikho ukuthuka okungcwele. Mangisho lokhu, hhayi ngoba yilomhlangano, noma nayimuphi umhlangano. Kodwa ngicabanga ukuthi yileyo indaba namuhla. Abantu abanakho ukuzwa ngakho. Babona umBhalo ncamashi ukhonjwa, kodwa abanakho ukuzwa ukuthi kuNgubani. Bayobona into ethize, futhi bathi, "O, lokho bekumangalisa. Lokho bekukuhle. Ngi—ngi . . . " Kodwa awunakho ukuzwa kokuthi Kuyini. Uma bekunjalo, bekuyobakhona ukuphenduka okwenzekayo, ukulila nokukhala. Idolobha beliyoba nengaka

imvuselelo, kuze kuthi uhhafu wenu ubuyoboshwa, kungakasi, kunjalo, uma siba nokuzwa kokuthi Kuyini. Futhi siyedlula, izikhathi eziningi, futhi silahlekelwe yithuba, ngokungabi nakho ukuzwa.

62 Angicabangi ukuthi umfana ngempela wakuqonda. Wayekade ekhuliswe phakathi kwalomFarisi, owayengu—ngu—ngumbusi omkhulu, inkosana, noma—noma indoda yenkolo. Futhi wayekade ekhuliswe naye, futhi—futhi—futhi nje wathatha uhlangothi lwakhe lwenkolo. NomFarisi waye—wayemhlekile uJesu, futhi wahlekisa ngaYe, noma into ethize abayenzayo, njengabo ngalolosuku. Futhi nje wavele wakuntshinga; lokho kwakungelutho kodwa "nje umlayezo ojwayelekile" ayefanele awethule. Wavele wahlala lapho nje. Futhi wayeseBukhoneni baKhe, futhi yilokho kuphela okwakukuye. Akushongo lutho kuye. Kodwa uma wayekade ebenakho ukuzwa; ukuba lowomfana ubengavuka kwabafileyo namhlanje, futhi wahlala kulomhlangano ngaleliviki, ubeyokwenza okuthize ngakho. Ubeyoba nobufakazi obebungasishukumisa sonke. Kodwa wayengenakho ukuzwa.

63 Manje, enkundleni lapha, kukhona okungalungile. Nje akusikho . . . Akulungile; lapho uJesu ebhekisisa lowomfana emuka, ekhathele futhi ekhandlekile. Kodwa, konke ukuhleleka, kukhona okungalungile. LabobaFarisi babemzonda uJesu. Futhi kungani baMmeme abe yisimenywa esiqavile kanti babeMzonda na? LowomFarisi wayene, njengesisho esidala somgembuli, wayenento ethize ayemgodlele yona. Wayenekhadi eliphicayo ayeligodlile. Isizathu, babemzonda uJesu. Ngikholwa ukuthi uJesu wakuqonda lokho, ngayo leyonkathi. Niyabo, abantu bafanele babenezinto abahlanganyela kuzo.

64 Umama wami, wayevame ukuba nesisho, "Izinyoni zohlobo olulodwa zindiza ndawonye." Awuboni, awubaboni oklebe namajuba bedla ndawonye. Ba—ba . . . Omunye ngumthuthambi. Nejuba lalingeke lidle ukudla kukaklebe, ngoba alinanyongo. La—lalingeke likugaye.

65 Futhi awuwaboni amakholwa nabangakholwayo bendawonye, ngaphandle uma kukhona uhlobo oluthize lwenhloso yakho. Kunento ethize—into ethize engalungile. Lomfo wayenecebo ayeligodlile. Wayefuna ukulidlala kuJesu.

66 Manje, uthatha abantu, njengoba uthatha abantu abasha, abantwana abangamatshitshi namabhungu, abathandi ukuba ngakubafo abadala, ngoba ba—banezinto abahlanganyela kuzo. Izithandani ezishadile ezisencane, zinezinto ezihlanganyela kuzo. Abantu abadala, abafuni ukuba ngakubantwanyana kakhulu kangako. Ba—banezinto abahlanganyela kuzo.

67 Uma ubona intombazane encane ilandelana nogogo ngaso sonke isikhathi, manje, kukhona oku—kukhona okungalungile lapho. Kunomkhulu kakhulu umehluko ebudaleni babo.

Kuphakathi kokuthi iyincelebana kagogo, noma ugogo unesaka likaswidi ndawo ndawo. Niyabo? Lapho, kune—kunecebo ndawondawo. Nginomzukulu, qobo lwami, futhi ngiyazi. Kunecebo elincane ndawondawo. Niyabo? Futhi uyibona ilandelana nogogo, ugogo une—nesaka likaswidi noma okuthize.

Ngakho lomFarisi wayenento ayigodlile.

68 Konke kwenzeka emhlanganweni wabefundisi lapho bebuthana ndawonye. Nodaba lwadingidwa ngaloMfo OwaYezibiza ngomprofethi. Futhi babengakholwa ukuthi Wayengumprofethi. Ngoba, babengakwazi ukubona umuntu, owayengahambisani nabo, yonke imfundiso yabo, ukuthi wayengaba ngumprofethi. Futhi ngakho, kulomhlangano wabefundisi, babenqume ukuthi Wayengesuye umprofethi.

69 NalomFarisi omdala wayezokufakazisa kubo, ukuthi wayengesuye umprofethi. UmFarisi wayezo—zo—zokuqinisekisa, nokukhombisa ibandla, bonke abantu kulelodolobha, ukuthi Wayengesuye umprofethi, ngaphambi kokuba Aze avakashele idolobha. Wayengakaze abe kulelodolobha ngaphambili. Ngakho, ngaphambi kokuba Afike, wayezoMdalula. O, lowomoya, usaphila. EzoKudalula, enze okuthize ukuvimbela umhlangano Ayezoba nawo lapho.

70 Ngakho sithola ukuthi wathi, "Ngizokwenza idina, futhi ngizomema wonk'umuntu, futhi ngithole wonke umuntu edolobheni, ngakhona. Futhi manje-ke sizofakazisa ukuthi akasuye umprofethi. Sizokufakazisa."

71 Ngakho, umFarisi ngahle ukuba wakucabanga lokho, ekwenzeni lokhu, wayezoba ne—wayezothola nencane . . . mhlawumbe abe, emva kwesikhashana, elinye lamagosa, noma okuthize. Wayezoba ne—wayezoba ne . . . Wayezoshaya ngempela eqenjini lakhe. Wayezohlekisa, edilini lesidlo, ngeNkosi uJesu, ukufakazisa ukuthi Wayengesuye umprofethi, aMbeke endawaneni ndawo ndawo. Khona-ke wayezoba ngumfo omkhulu phakathi kwabo, abe ngenye indoda ethize enkulu.

72 Manje, sithola ukuthi isigijimi sibuyela emuva futhi sitshela inkosi yaso, "ngimtholile. Wethembisile. Futhi uzoba khona, ngoba ngibona nje ngendlela enze ngayo, u—uzobakhona." Kulungile.

73 Manje, umFarisi walindela lesisikhathi esithize. Futhi babazi ukuthi lenziwe nini lelidili lesidlo, lapho yonke into yayisikahle nje. Mhlampe sizocabanga, emdlalweni wethu omncane wasesiteji kulobubusuku, ukuthi—ukuthi walenza ngesikhathi lapho amagrepsi lase livuthiwe. Uma wake waba sePalastina lapho isikhathi samagrepsi, noma ngisho iCalifornia, lapho lezozixha ezinkulukazi zamagrepsi ziphuma amanzi nje, evuthwa, lonke izwe, isigodi nje sigcwele le—lelophunga elinuka kamnandi nje elivela kulawomagrepsi. Wayazi nje ukuthi alenze

nini kahle. Ngakho, wahlela lesosikhathi, ngosuku oluthize ababezoba ngalo nalelidili.

74 Kwaze kwathi, ekugcineni, isikhathi siyafika, kwakulapho idili lalizoqhutshwa. Futhi wamema wonk'umuntu ukuba eze, ayengamthola, ukuba enyuke, wonk'umuntu odumileyo, nazo zonke izinhlangano, kanjalo kanjalo, nawo onke amaklabhu eyayisedolobheni, ayengowayo. Bonke wayephumela kwesakhe esikhulu, isigodlo esihle. Sasihlezi sithe qekelele phezulu, simi sithe qekelele njengemizi nendawo lapho edolobheni. Nesikhathi safika sokuba lokhu kwenziwe. Kusobala, igceke lonke lalinakekelwe, namatafula onke ayedekiwe, nekamelo ledili lesidlo selilungisiwe.

75 Futhi manje-ke, manje, uzofanele anakekele i. . . izimenywa zakhe, uma zifika. Nosokhaya uyokwenza lokho. Ngakho wadingeka aqashe abanye abafana besitebele, ngoba abanye bosokhaya bakhe babezob-. . . noma abanye bezimenywa zakhe babezofika ngezinqola zamahhashi, nabanye begibele iminyuzi, abanye behamba phansi. Ngakho noma ubani owenza i—i. . . onedili lesidlo, uzofanele alungiselele, ukubungaza izimenywa zabo. Ngakho umFarisi walungisa nje yonke into, nazo zonke ezezinceku zakhe, futhi wazimisa ngomumo, wathola abafana besitebele lapho ababezothatha khona amahhashi, nalo lonke ifolishi nezinto zilungele wona.

76 Futhi manje-ke wayenomnini wehhotelana, noma umgcinimnyango, owayefanele athathe izimemo, ngoba wa—wawungeke ungene ngaphandle uma wawumenyiwe. Nokuthatha izimemo, wayenamagama abo phansi, noma ngubani owayezoba lapho. Futhi bayeza, babekhomba igama labo, futhi ngakho babengangena.

77 Manje-ke, ake sibuke nje ukuthi kwakunani, ukuthi babedingeka benzeni, okwesikhashana. Ngike ngaba kwelasempumalanga, futhi mhlawumbe abaningi benu uke wabakhona futhi babhekisisa ukuthi bakwenza kanjani. Ku—kuyethusa ngempela. Futhi niyaqonda, ke, uma yonke into inakekelwa, bese kuthi-ke uma bengena emnyango, into yokuqala, u—umgcinimnyango ubuza ukuthi bangobani. Bese besho ukuthi bangobani. Ubuka ohlwini lwakhe, futhi nanti igama, bese elihlola. Bese-ke akwenzayo, uthatha izinto zakhe, akubeke ekhoneni. A—abafana uthatha amahhashi, uma ehamba phansi . . . noma uma esehhashini, bese elifaka esitebeleni.

78 Manje into elandelayo ayenzayo, ungena ehholo. Futhi phakathi lapha kunesigejane sa—samadoda, esibizwa ngokuthi, abagezana izinyawo, izinsila zenkosi. Kungumsebenzi oholela kancane kunayo yonke okhona, yinsila yenkosi egezana izinyawo.

79 Nokucabanga ngakho, thina esicabanga ukuthi singumuntu othize, neNkosi yethu yazikhomba Yona, emhlabeni, njengensila

yenkosi egezana izinyawo. Yilokho impela Eyakwenzayo. Futhi manje-ke sicabanga ukuthi singumuntu othize. Siyogijima sichezukele lapha esikoleni bese sithola imfundo encane, futhi sidedele . . . futhi sifunde ukusho amagama amakhulu ambalwa. Bese sibuya bese sifaka i—isudu yezingubo, bese siphuma lapha bese sifuna ukubizwa ngo "dokotela, mhlonishwa," noma umuntu othize.

80 Ngangisenhla emnyuziyemu omkhulu kungekudala, futhi ngibuka kokunye kokulinganisela kwendoda eyayisinda amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu, ukuthi zaziningi kangakanani izithako zemvelo amakhemikhali ayesemzimbeni wayo. Niyazi ukuthi ingakanani ekhona enziwe ngayo yonke na? Ibiza inani lamasente angamashumi ayisishiyagalombili-nane. Khona-ke iyothwala isigqoko samadola ayishumi emasenteni angamashumi ayisishiyagalombili-nane, nebhantshi lesikhumba senyamazane iminki elingamadola angamakhulu amahlanu, bese ubhekisa ikhala lakho phezulu; uma linile, belingakugwilizisa. Futhi manje-ke iqhubeka, inakekela lawomasente angamashumi ayisishiyagalombili-nane, kunjalo, ucabanga ukuthi ungumuntu othize. Futhi awanandaba, uziphathisa okwakho, ngalowomphefumulo obiza inani elingamazwe ayizigidi eziyishumi. Umehluko, iphutha eliwukufa, ukuthi singakuthola kanjani!

81 Manje, lensila yenkosi egezana izinyawo, yayidingeka igeze izinyawo zawo. Manje, e . . . Uma wawuhamba ePalastina, ingubo yasePalastina iyingubo ende. Intazela phansi. Bese kuthi-ke ingubo engaphansi ifika nje cishe enkonyaneni yomlenze, *lapha*, ibe yingubo yangaphansi. Futhi lapho i—izilwane namadoda ehamba emzileni ofanayo, izilwane, kusobala, ehamba ngomzila, futhi—futhi—futhi lapho e—lapho ehamba emzileni ofanayo. No—nothuli lwaluqubuka lapho izilwane zazikade zikhona, futhi kwakuyiphunga elinukayo othulini. Futhi lwaluba sezinyaweni zawo ngenkathi ejuluka. Nezinyawo zawo zazigqokiswe izicathulo amasandali. Nalokho konke kwakuthola ukugcwala umjuluko, futhi—futhi abemanzi, kunamathele.

82 Bese kuthi-ke leliphunga elibi elivela lapho izilwane kade zinqamula khona emzileni, zazinga . . . Ingubo yasePalastina, ihushazela njengesiketi, phansi yehlile, yayibutha loluthuli. Futhi lwalufika ngaphansi kwa*lapha*, bese luba phezu kwezinyawo zawo naphezu kwezitho zawo—zawo. Futhi ngempela ayenuka njengalowo—lowomzila lapho izilwane zazikade zikhona. Ngakho, ukungena ekhaya elinjengalelo abaFarisi ababenalo . . . Babethumela ePeresiya futhi bathole lawomaragi amahle amakhulu, na—nayo yonke into. Ngani, wawungeke uzizwe wemukelekile, ukungena phambi kukasokhaya, bese—bese—bese-ke unuka wonke kanjalo.

Ngakho babenendlela yokunakekela lokho. Babenensila yenkosi egezana izinyawo, futhi yayihlala lapho.

83 Futhi uthi nje ungangena, negama lakho lalibhalisiwe. Abafana sebethathe amahhashi noma izilwane zakho, futhi bawabuyisela emuva ukuyowaphakela, iqembu elilodwa lababafana. Bese kuthi-ke umgcinimnyango akuqonde ngeshadi ayenalo esandleni sakhe. Khona-ke usulungele insila yenkosi egezana izinyawo.

84 Bese uyangena-ke. Ubeke unyawo lwakho phezulu. Ikhumula izicathulo amasandali, izibeke phezulu endaweni, ukuze yazi ukuthi ukuphi. Nangakulolu olunye uhlangothi, inesicathulo esincane. Futhi emva kokuba isiqedile ukugeza izinyawo zakho, ilugeza lonke kahle ngempela, lonke uthuli nayo yonke into, ikwenze ube freshi, bese-ke ifaka lesi esincane, isicathulo sendwangu esiya ngaphezulu.

85 Njengoba nibona emabhanoyini futhi ewela, eya phesheya kwezilwandle manje, bakunika zona ebusuku. Uma u... Njengabesifazane banazo lezozinto ezincane abazigqokayo uma bengawagqokile amasokisi amade. Ngibona umkami nendodakazi nabo bayazithola. Ngesinye isikhathi ba... Ngesincane... A—angazi ukuthi bakubiza ngani, bona kodwa kufana nje nengezansi lesokisi, niyazi, futhi—futhi ukufaka onyaweni lwakho.

86 Kuthi akube yinto enjalo nje, kuphela kuthe ukuphakama kancane, ngoba awufuni ukuthatha isicathulo sakho esingcolile esidala isandali bese uhamba phezu kwalawomaragi phakathi lapho. Ngakho, manje-ke, izinyawo zakho sezigeziwe. Bese-ke uthola, into elandelayo eyenzekayo, usufake lelibhuzu elincane, ngizokubiza ngalo.

87 Bese kuthi-ke into elandelayo eyenzekayo, kunendoda emi lapho nethawula phezu kwehlombe layo, futhi inamafutha athize ezandleni zayo. Nalawo ngamafutha anamakha. Manje, imisebe eqondile yalelolanga lasePalastina entanyeni yakho, ikwenza izintshab'suku nje. Futhi eny'into, lolothuli olubuthekayo, ngezinye izikhathi lungena entshebeni yawo nasezinweleni zawo. Nalendoda ima lapha, ke, namafutha. Bese iwakhipha, kulelipani elincane. Wena uwabeka ezandleni zakho bese uwahlikihla ebusweni bakho, nasentanyeni yakho. Bese-ke uthatha lelithawula bese uwesula, bese ulungisa izinwele zakho. Manje ngezinye izikhathi...

88 Lawa ayivela kancane impela, ngoba anikeza ngempela i—iphunga elimnandi kabi. Bawathola izikhathi eziningi phezulu le ezintabeni, ehlathini lembali yasendle. Niyibonile imbali emva kokuba isigcebe sembali sesiwohloka. Bese i—ithola iapula elincane—elincane, okufana nalo, kuyo. Futhi lapho, bayayikhama bese bethola lamakha. Kuthiwa indlovukazi yaseSheba, ngenkathi ifika kuSolomoni, yaletha amaningi

alamakha amahle alawo, futhi iwapha uSolomoni. Ayeyivela kancane impela; kul'khuni kakhulu ukufinyelela ezintabeni.

89 Bese kuthi-ke ngenkathi zesula lokhu, intshebe yawo nasezintanyeni zawo, nangalelithawula, azilungise wona, manje aselungele uku—ukubonana nosokhaya, ukubonana nalowo owamemile. Niyabo? Ayengeke azizwe ekahle, ukuba angene nalokho kungcola. Kungakho kuba ngukugezwa izinyawo. Niyabo? A—a—ayenuka kabi, futhi ayefanele agezwe izinyawo zawo. Nanezicathulo zawo amasandali amakhulu amadala kulawomaragi amahle, ayengeke azizwe ekahle. Ayengazizwa ephoxekile. Kodwa manje izinyawo zayo sezigeziwe, futhi manje isilungise konke. Inuka amakha akuyo, avela kulamafutha, abakubiza ngokuthi "ukugcoba amakhanda abo ngamafutha", bese ewahlikihla ebusweni bawo, bese-ke ibesula ngethawula. Manje isihlumelelekile.

90 Manje, into elandelayo eyenzayo, ibonana nosokhaya wayo, lo oyimemile. Izizwa kuthi ayibonane naye. Manje, ibingeke izizwe ithanda ukubonana naye, nakho konke lokho kungcola kukuyo, ngakho ilungise kahle konke futhi isilungele manje.

91 Bese-ke usokhaya abonane nayo emnyango, futhi banendlela eyinqaba kabi. Futhi kusekhona kwamanye amabandla, ukubingelelana ngokwanga. Ngakho athatha isandla, asiphambanise *ngapha*, asingathane, amadoda, e—egaxene, *kanje*, futhi angane entanyeni. Futhi uma usokhaya ekwanga, uyemukelwa. Lokho ngukwanga kokwamukela. Manje, ubungeke uthande usokhaya wakho akwange unakho konke lokho kungcola okudala nezinto ziku—kuwe, ngakho ufanele uhlanzisiswe ngaphambi kokuba wangelwe ukwemukelwa. Kodwa, o, uma uke waze wangelwa ukwamukelwa, usungumfowethu ngokugcwele swi. Yilokho kuphela. Ubungakwenza, namhlanje, into kuphela ongayenza, njenganamhlanje, ubungangena endlini, futhi uzizwela usekhaya. Usungomunye wawo. Usekwangele ukukwemukela.

92 Niyamkhumbula uJuda anga uJesu, niyabo, ngokuzenzisa na? Niyabo? Ngoba, uma emangile, kwakungukwemukelwa. Kwakungukwanga komngani, hhayi ezindebeni, kodwa entanyeni, wabanga entanyeni.

93 Manje, siyaqaphela-ke, ukuthi wawungangena. Uma wawufuna ukuya efrijini, bekungaba njalo namhlanje, bese uzithathela isemishi elikhulukazi, bese ucambalala unquma embhedeni bese ulidla, nje uzenze ube sekhaya. "Uyemukelwa. Ngena." Lokho ngukuthi, usukahle ngakho konke manje. Uzizwa nje usungomunye womndeni manje, ngoba usungaphakathi.

94 Manje, usukwenziwe konke lokhu, futhi wagcotshwa, futhi kwalungiswa konke. Wangelwe ukwemukelwa. Bese ungena-ke, uxhawule, ke, edilini lesidlo. Ubonana nabangani bakho. Usokhaya usevele ukwangile, ungene, futhi ngakho usu—

usukhulul ekile manje. Usuzizwa nje sengathi ungomunye wawo. Ubumenyiwe. Usuhlanziwe. Usuwangelwe ukwemukelwa, futhi manje usungomunye wawo. Ngena futhi ube nenhlanganyelo yakho.

95 Manje, cishe ngalesisikhathi, sengathi ngiyalibona lelowundlu elithothombalisiwe phandle lapho emgodini wenyama eyosiweyo ngemuva, yayinuka nje konke ngapho ezweni lonke, nalawomagrepsi nezinto. Wawungazibonela abantu abampofu bezungeze uthango, umlomo wabo uconsa amathe. Babengamenyiwe phakathi; umuntu odumileyo nje, kulokhu. Ngakho i—idili manje lase lingena ekubuseni impela. Yonke into ihambisana kahle; ngokugcwele, kubuswa kahle.

96 Manje, sengathi ngiyambona umFarisi nabakhe, bonke babangane bakhe, ushayanisa iglasi, omunye nomunye, bephuza ithamo elinempilo elimnandi, nelamawayini edlula onke elalikhona ePalastina ngesikhathi. Ngoba, babecebile, babekwazi ukuba nalo. Futhi bona, wonk'umuntu, abesifazane, abesifazane babo abafake ubucwebe obuhle, wayengale ekhoneni, benenhlanganyelo yabo, behlezi bezungezile emibhedeni amadivani nokunye nokunye, njengoba isiko lalinjalo ngalolosuku. Nabesilisa, bonke bephezulu beqhabulela ukujabula kwabo, futhi bexoxa, nompristi, nabo bonke orabi, nayo yonke into, benesikhathi esimnandi. Ne—ne—nedili liqhubeka kahle impela endleleni.

97 Kwase kuthi-ke uJesu, nakuba wayebhizi njengoba Wayenjalo, nohlu lwaKhe olubhizi, njalo Uyasigcina isikhathi saKhe asinqumele ukubonana. Ungethembela kulokho. Uyasigcina isikhathi saKhe asinqumele ukubonana.

98 Manje ake sibheke endlini futhi sibone ukuthi kwenzekani. Sengiyambona umFarisi laphaya eshayanisa ingilazi yakhe futhi ethi, "Rabi, uyazi uk'thini?" Nengxoxo enkulu iqhubeka, osomabhizinisi bekhuluma ngebhizinisi labo nayo yonk'into. Idili lokudla lise—idili lokudla lisekubuseni okugcwele manje, lelidili elikhulu.

99 Kodwa, bukani, ohlezi encike udonga, enganakiwe, kwakunguJesu. Wasigcina isikhathi saKhe asinqumele ukubonana. Uyafika. Uligcina njalo iZwi laKhe. Zonke izithembiso zaKhe, Uyagcwalisa. Kodwa Mqapheleni. Uhlezi laphaya, engcolile. Ngiyakuzonda ukusho lokho. Kuyangibulala ukukusho. Kodwa, izinyawo zaKhe lwalungcolile. Wayengagcotshwanga. Wayengangwanga ukuba emukelwe, nakuba Wayemenyiwe.

100 Lokho kufana nezimvuselelo zethu zesimanje. Amadoda aseFransi aMbiza ngo, "Jésus, uJésus nezinyawo ezingcolile." Wawungathini nje ngakho na? Wamenywa futhi Uyafika. Futhi Nango, futhi wangena ngandlela thize, futhi enganakiwe. Uhlezi ngale njengembali yasodongeni. Wayengekho nhlobo

nje endaweni efanele lapho, Unjalo, kwezinye zezimvuselelo zethu zesimanje, amadili okudla, abizwa ngokuthi imibuthano yezenkolo.

101 Wayengekho endaweni efanele. Akukho-muntu owayeMnaka. Babebhizi kakhulu ngezinye izinto, nakuba Wayemenyiwe. Kodwa, Wayengamukelekile ngenkathi Efika.

102 Kwenzekani kuleyonsila yenkosi egezana izinyawo na? Yaze yaphuthelwa kanjani yilelothuba na? Ngifisa sengathi ngabe ngaba nethuba layo. O, he! Ukuba ngangazi ukuthi Yayizoza, ngangiyobe ngimi lapho ngiYilindele. Ngangiyo—ngangiyolilungiselela. Yakwenza kanjani na? Manje, asingayigxeki kakhulu kakhulu, ngoba singahle senze into efanayo futhi singayazi. Niyabo? Yaphuthelwa yiYo. O, he!

103 Qaphelani, Ifika namhlanje ekubizeni kwethu, futhi. Ifika phakathi kwethu. Angifuni ukusho lokhu, kodwa ngifanele ngikusho. Naphakathi kwethu, Iyaqondakala phakathi kwethu, ihlezi lapho ingcole impela nje, kubantu, njengoba Yayinjalo ngaleyonkathi, lokho kunjalo impela, beYibiza nga “bagingqiki ongcwele” nakho konke okunye. Futhi nokho sikhalela imvuselelo. Futhi Iyafika. Futhi uma Ifika, siYiphatha cishe njengoba benza ngaleyonkathi.

104 Omunye usukuma eseMoyeni kaNkulunkulu, ampompoloze “amen,” noma adazuluke, noma enye into ethize enjengaleyo, uma uJesu kwenzeka edlula. Ngani, i . . . Bayakhishwa ebandleni. Awu, bacabanga ukuthi lokho yihlazo elibi kabi, ukuhlazisa ibandla, ukuhlazisa abantu. Kanti, nguJesu uqobo lwaKhe odlulayo.

105 Futhi singaMbona efika futhi akhombe iZwi laKhe, futhi enze nje njengoba Enza ngaleyonkathi, futhi namhlanje bathi, “Kungukubhula, ukufunda umqondo womuntu, noma omunye umoya omubi.” Phambi kwabantu, Ungcole nje njengoba Wayenjalo ehlezi lapho: uJésus, iZwi likaNkulunkulu. Futhi asenzi lutho ngakho. Sikhathalele kakhulu inhlangano yethu noma inhlaliswano yethu—yethu. Sinamahloni ukubizwa ngeGama laKhe. Empeleni sinamahloni ngaYe.

106 Babenamahloni ngaYe ngoba Wayengcolile. Izimenywa zazingaMazi. Futhi zazinamahloni ngaYe ngoba Wayengcolile.

107 Yileyondlela okungayo namhlanje. Basalokhu benamahloni ngaYe, ngoba banqwabela konke ukungcola abangakubeka phezu kwaKho, bakubize nga “bagingqiki abangcwele” nayo yonke enye into abangacabanga ngayo. Akukho-muntu owenza lutho ngakho. Nango Ehlezi, izinyawo ezingcolile, imbali yasodongeni ephathini, imbali yasodongeni emhlanganweni wezenkolo. Wamenywa, siyaMcela ukuba ezele imvuselelo. Uma Efika, siMphatha ngendlela efanayo abenza ngayo lapho. Uyafika, futhi Azikhombe yena uqobo, kodwa akukho-muntu ofuna ukwenza utho ngaYe.

108 "Ukuba Wayengenza oluny'uhlobo lwecebo, noma—noma—noma enze olunye uhlobo lwesi—simangaliso." Njengoba Enza phambi kukaPilatu . . . uPilatu, okuyilona kuphela ithuba lakhe ake aba nalo, futhi waMbuza, wayefuna ukubona into ethize yenziwa, wayefuna, "Ake sibone isibonakaliso esithize." Wayefanele aphenduke.

109 Yilokho leli elinonya, izwe elibanjwe yisihogo ebelifanele likwenze kulobubusuku, ngukuphenduka ezonweni zabo. Yilokho lamalunga ebandla abefanele akwenze, aphenduke ekungakholweni kwawo. AMmele. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi Uzikhomba Yena uqobo njengoba nje Enza ngaleyonkathi. Nabantu namhlanje bathatha isimo sokuziphatha esifanayo njengaleso esathathwa yilowomFarisi, uhlobo olufanayo lwesimo sokuziphatha; baMyeka ahlale, emva kokuMmema. Nokho, abaMfuni. Bayakwenza nje, njengakho, bekwenzela inhlonipho. Uyakwazi.

110 Senzile kuYe, namhlanje, njengoba nje benza ngaleyonkathi; esikhundleni sokuMgeza, begeza (elaKhe) ihlazo, esikhundleni sokuzama ukusukuma, bethi, "Uyaphaphalaza. YiZwi likaNkulunkulu libonakaliswa. Kuyilokho Akwethembisa. Wathi Wayezothulula uMoya ngezinsuku zokugcina. Siphila ezinsukwini zokugcina." Esikhundleni salokho, sivele nje sithi ukuhlala siqhiyame njengoba benza. Siyesaba ukuthatha isinqumo sokuma.

111 Ukuba-ke omunye wabo wayesukumile wayesethi, "Lowo nguJesu waseNazaretha. Ngikholwa ukuthi Ungumprofethi kaNkulunkulu"? Niyasazi isizathu bengakwenzanga na? Ngoba babengakholwa ukuthi Wayengumprofethi.

112 Futhi basalokhu bengakholwa, namhlanje. Bacabanga ukuthi Ungumfundisi wemfundo. Bacabanga ukuthi Uyihlelo. Abazi ukuthi Uselokhu engumprofethi. Yilokho ababeMyisele khona ezansi lapho, ukufakwa imibuzo. Leyo yinto efanayo Afakwa imibuzo ngayo namhlanje. Akukho-muntu ozimisele ukuMeseka. Bavele bathi nje, "Awu, anginalutho engingalwenza ngaYe. Niyabo? Ngiyasonta. Nampo abelusi bami, bonke, behlezi bezungezile lapha. Ngingumuntu olungileyo." NoJésus enezinyawo ezingcolile; akukho-muntu owakhathalela. Lona impela iBhayibheli . . .

113 Manje siyenyuka bese sixhawula, sifake igama lethu encwadini. Futhi a—amaMethodisti, uma engasifuni, sizozithatha siziwezele kumaBaptisti. Asikhahlela asikhiphe, sizoya kumaNazaretha. IOneness isikhahlela isikhiphe, siya kwi Twoness. ITwoness isikhahlela isikhiphe, siya kwiThreeness. Asidingi kuzihlanganisa nalinye lawo. Onke asitashi. Leyo yindlela efanayo nje. Si . . .

114 Futhi uma uJesu efika, asivumi ngisho. Asinandaba. Yileyondlela abenza ngayo. Futhi nokho siyakhala, "Woza,

Nkosi Jesu. Woza, Nkosi Jesu." Futhi Uyafika. Futhi senzani na? Into efanayo abayenzayo. Ngani na? Uma besho noma yini, siYemukele, omunye umuntu othize ngapha uyohlekisa ngabo. Futhi baMyeka wahlala, engcolile. Kubizwa ngo "moya omubi."

115 Niyakhumbula, uJesu wabatshela, ngoluny'usuku, ngenkathi bethi, "LoMuntu wenza lokhu ngoBelzabule," Wathi, "Nisho lokho ngokumelana naMi, kuyothethelelwa. Kodwa ngoluny'usuku uMoya oNgcwele uyofika, ukwenza into efanayo, futhi, izwi elilodwa elimelene naWo, alisoze lathethelelwa." Niyabo? Silapho-ke. UJésus nezinyawo ezingcolile. Wawungathini na? Wawungathini nje, abantu ababezisho ukuthi bathanda uNkulunkulu, futhi babexoveke kakhulu ezivumwenikholo zabo, namahlelo abo nezimfundiso zabo ezigqamile na?

116 UJesu wathi, "Amasiko enu, nenza iZwi likaNkulunkulu ize." Nango Wayelapho, lapho, neZwi lalisebenza, ngoba lenziwa inyama, futhi lalifakazisa impela ukuthi WayenguKristu. Nabantu, namasiko abo, babengeke baLiyeke lisebenze phezu kwabantu. Yilokho Ayekwenza, ezama ukubukisa ngaLo. Futhi, niyabo, babengakholwa ukuthi Wayengumprofethi.

117 Futhi, nokho, iBhayibheli lathi Wayezoba ngumprofethi. IBhayibheli, uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umprofethi," uDuteronomi 18:15. NeBhayibheli labikezela khona impela nje Ayethe uyokwenza. Futhi nangu Efika, ekwenza phakathi kwalabobantu.

118 Futhi namhlanje siMshiya negama elingcolile nje njengoba Wayenalo ngaleyonkathi; sibayeke basho izinto ezimelene naLo. "Nezinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjalo," kanti iBhayibheli lathi Nguyena izolo, namuhla naphakade. Futhi sisalokhu sinamahloni okuma qekelele futhi sisho okuthize ngaLo. Sinamahloni ngobufakazi bethu esi—esizisho ukuthi siyakholwa. Esikhundleni sokuMgeza, sizama ukuMgeza ngezinyembezi zenjabulo, ukuthi Ukhona, siMyeka ahlale nje, engcolile. "Angeke ngizihlanganise ngalutho nakho. Angibambisani nalutho olunjengaLokho, ngibeke isandla sami kuKho." Niyabo?

119 Nakho lapho okhona. Yisigejane esifanayo sabaFarisi, phansi kwelinye igama nje. Siyaphinda siMyeka ahlale kanjalo, ngesizathu esifanayo, asikholwa ukuthi Ungumprofethi. Sinamahloni ngaLo. Ngani na? Isizathu esifanayo. AsiLikholwa. Abantu abalikholwa. Qhabo, mnumzane.

120 Angafika, enze noma yini Afisa ukuyenza; bahlala ezindleleni zabo, futhi akukho sidingo sokuzama ukuzilulaza ngabo. Futhi niyazi, iBhayibheli lathi babezoba ngaleyondlela. Impela. IBhayibheli lathi babezoba ngaleyondlela, "Babe sivivi, isimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi bengenamandla." Niyabo? Kunjalo.

121 Sijoyinana naleli lezemfundo, iqembu elipholishekile limi lapho, futhi sinezinhlaliswano zethu ezinkulu nezikhathi, namabandla ethu akahle, nemihlobiso emihle. Manje-ke uJesu Kristu usengangena, futhi niMyeke ahlale engcolile. IZwi lingabonakaliswa phakathi kwethu, futhi sisalokhu sihambahamba, siyeke abantu bakhulume ngaLo. O, he!

122 Kodwa, niyazi, ukusheshisa ngendaba yethu, asishintshe inkundla kulobubusuku. Asijikise amakhamera ethu ngenye indlela, ezansi le endleleni enqamula phakathi kwezakhiwo, indlela enqamula phakathi kwezakhiwo engcolile endadlana, phezulu le esiqongweni sekamelo elidadlana elalivalelwe ngensimbi. Umnyango uyavuleka, nowesifazane uphumela phandle. Awu, wayengeyena othandeka kakhulu kangako phakathi kwabantu. Wayeyisoni, futhi wayeziphilisa ngendlela engalungile. Ngakho uphuma uzishayelwa ngumoya, ezansi ngezitebhisi ezindadlana ezitsekezayo. Ungena endleleni enqamula phakathi kwezakhiwo. Futhi uyehla, ehamba njalo ngasemigqonyeni kadoti, futhi uphumela emgwaqeni.

123 Ngani, akukho-muntu phandle lapho, ngakho uqala ukumangala ukuthi ngabe yini e. . . "O, ngiyakhumbula. UmFarisi enhla lapho, uMelusi umFarisi, unikeza idili elikhulu lokudla. Wonk'umuntu uphezulu lapho. Ibhizinisi lizoba libi namhlanje." Ngakho, uthwabaza wehla ngomgwaqo. Futhi lapho eqala ukuhamba, futhi uthi, "Awu, ngizodingeka ngilinde nje kuze kuphele lokho." Futhi wayeziphilisa ngendlela embi. Ngakho, wayehamba ehla ngomgwaqo.

124 Futhi emva kwesikhashana, isisu sakhe esilambile esidadlana wahogela lelowundlu elithothombalisiwe. Wacabanga, "He, lokho kunuka kamnandi! Angikaze ngibe nokunjengalokho ukuba ngikudle, empilweni yami." Mhlawumbe wayekade ekhishelwe ngaphandle, emgwaqeni, ngenkathi, ngabanye abazali.

125 Niyazi, inqwaba yezikhathi sicabanga ngobuhlongandlebe bezingane. Ngicabanga ukuthi yonk'inqwaba yakho ngubuhlongandlebe babazali. Abantwanyana babefundiswe ukukhuleka nokukhonza uNkulunkulu; esikhundleni sikamama phandle ndawondawo ephathini yamakhadi, nephathi yekhadi lakhe lezenkolo; nobabayi ephandle enkundleni yegalofu ndawondawo; nodade aphume nojunior, phandle lapho emgwaqeni, ehla enyuka. Mhlawumbe izinto beziyokwehluka ukuba bebene altare lomkhuleko oyifeshini endala, iBhayibheli esikhundleni sepaki lamakhadi. Bese bentshinga leyothelevishini iphume ngomnyango, kudala, futhi bekungahle kube yinqwaba yonke yokwehluka. Nina nonke, kwakuvamise ukuba ngokungafanele ukuya embukisweni wezithombe. Udeveli usibeka ngqo phezu kwethu. Wasiletha ngqo endlini yabo. Niyabo? Niyabo?

126 Wayelambile. Wakuhogela lokho. Wathi, "He! Kunuka kamnandi. Ngiyamangala ngempela ukuthi iphunga lewundlu elosiwe ngempela linganambitheka kanjani emlonyeni womuntu na? A—angazi ukuthi beKunganjani. Ngikholwa ukuthi ngiyovele nje ngikhuphuke."

127 Manje, wayengenakusondela kakhulu kuwo, ngoba wayengowesifazane ongcolile. Ayengazilungele, niyabo. Onke ayesonta. Ngakho, ayengenakufinyelela ngalapho ayekhona. Wayethathwa njengesoni.

128 Ngakho, lapho enyuka esondela, futhi ukuba athole ukuqalaza, wawabona onke emi lapho, namathe econsa emlonyeni awo, lapho ebefuzela, niyazi, futhi bebuka lenqama, noma iwundlu, phakathi lapho bosa. Nazo zonke izidlo ezinhle nezinto zipakiwe ngapha phakathi lapho. Isikhathi esikhulu kanje pho!

129 Futhi uqala ukubuka esixukwini kanjalo, namehlo akhe azithela kuYe. "Ubani Lowo na? Unezinyawo ezingcolile. Ngiyamangala ukuthi Ubani lowo . . . Uphi umuntu ongangitshela na? Ake usho, unga . . ." Ubuyela emuva ngokukhulu ukushesha, engafune kuzihlanganisa ngalutho naye owesifazane. Uyisoni. Ngakho, wabuza omunye umuntu, ekugcineni, mhlawumbe inenekazi elincane elalikholwa futhi libukeka ngendlela efanayo. Lathi, "Medemu, unga . . . Ngiyaxolisa. Kodwa ubunga . . . Ubani lowo ohlezi lapho na? Ukwenze kanjani . . . lowomuntu."

130 "Awu," bathi, "uyazi ukuthi Ubani lowo na? Ubezwile bekhuluma ngalowoJesu waseNazaretha, ofanele ukuba ngumprofethi na?"

"O, yebo. Ehhe. Ngabe nguYe lowo na?"

"NguYe lowo."

131 "Awu, Akageziwe. Ngiqondile ukuthi wonke umuntu ufanele ukugezwa ngaphambi kokuba bangene lapho, futhi agcotshwe. Mbuke. Awu, akulungile."

132 Wayenethuba elethulwa kuye. Wakhumbula indaba ayixoxelwa ngomunye. Omunye wesifazane wokuhweba kwakhe, ngesinye isikhathi, enhla e—eSamariya, umuzi waseSikari, wayekade ethethelelwe zonke izono. Futhi waqonda ukuthi lelo kungahle kube yithuba lakhe. Manje uzofinyelela kanjani kuYe manje na? Ubonile ukuthi Wayedinga, futhi wayefuna ukuMkhonza, futhi engenakufinyelela kuYe. Lokho kuthi akube ngendlela okuyiyo. Ngakho wacabanga, "Yini engingayenza na? Akanakho ukugcotshwa. Izinyawo zaKhe zingcolile. Akukho-muntu onakile. O, uma kuphela bengingangena lapho!" Leyo yinhliziyo ezisolayo ngempela. "Uma kuphela bengingafinyelela kukho!" Manje, uyacabanga, thola . . .

133 Umqondo wakhe ubamba okuthize. “Uyazi ukuthi ngikholwa ukuthi ngizokwenzani na? Ngiyazi.”

134 Nanguya ehla ngomgwaqo, ngokukhulu ukushesha angakwenza, wehla ngendlela ehamba phakathi kwezakhiwo, phezulu kulesi izitebhisi ezindala ezitsekezayo, futhi uvula umnyango. Ungena lapho futhi uthatha i—ingaphezulu lesokisi elide, niyazi, futhi uyalihosha, ubala ukuthi unamalini. Wathi, “Mina, ngabe leyo yenele ukuthenga amafutha okugcoba na? Ake sibone uma yenele. Kunezinhlamvu ezingamashumi amabili zoDenariyu bamaRoma. Mhlampe lokho kwenele. Kodwa, awume, ngeke ngakwenza lokho. Ungumprofethi, futhi Uzokwazi lapho engiyithathe khona leyomali. Uzokwazi ukuthi ngiyithole kanjani. Ngeke nje ngakwenza.” Ngakho, mhlampe uyibuyisela emuva, futhi.

135 Futhi ngenkathi eyibuyisela emuva, kwakukhona into eyayilokhu ikhuluma enhliziyweni yakhe. “Kodwa ubungaMyeka ahlale lapho engcolile, kanjalo na? Ubungayekela okunguyena-Muntu kuphela ongasusa izono zakho, ahlale engcolile, ube ungaMnika inkonzo na?”

Ngakho uthi kuye uqobo, “Noma ngabe Uyazi noma qha, ngiyahamba.”

136 Futhi wasuka wehla ngomgwaqo wayesegijimela esitolo lapho okukhona umfo omdadlana okhala liyihhuku ehlezi phakathi lapho. “Futhi, awu, ufunani phakathi lapha na?”

137 Wathi, “Ngifuna umfuma wamafutha amahle edlula onke onawo. Hhayi ashibhe ukwedlula onke, ngifuna amahle ukwedlula onke.” Wayenesizathu esikhethekile.

138 Futhi yilokho ebesifanele sikwenze. Besifanele siMnike okwethu okuhle ukwedlula konke, yonke into esiyiyo, impilo yethu yobusha, singalindi size siguge futhi sifa. Sinikele okuhle ukwedlula konke esinakho, kuYe.

139 Futhi lapho wathola wona impela amahle ukwedlula onke. Wenyuka, wathi, “Ake sibone ukuthi malini leyo. Unayo yini imali, kuqala.” Wayemazi, futhi. Ngakho wathi . . . Yebo, wayenayo imali. “Ngakho, uyaphi nalawa na?”

“Nginawo ukwenzela umcimbi okhethekile.”

140 Ngakho, uyenyuka. Manje, akanasimemo. Kodwa uzongena kanjani na? Kodwa, ngandlela thize, uma ufuna ukwenzela uJesu inkonzo, Uyokwenzela indlela yokuba ungene. Ngandlela thize noma enye, wangena.

141 Futhi kwakukhona uJesu ehlezi lapho, namanje. Futhi kwenzeka wacabanga ngenkathi engena lapho, inhliziyo yakhe ishaya ngamandla ngempela, “O, he! Uma bekungahle kwenzeke Angenqabe-ke na?” Kunenqwaba yezinto okumele kucatshangwe ngazo. “Uma-ke Ebengenyukela lapha bese ethi, ‘Awusho, wena sifazane ongcolile, wenzani lapha eBukhoneni

baMi na? Awazi yini ukuthi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na? Ubungafanele ube lapha eBukhoneni baMi'?" Inhliziyo yakhe yayisicishe impela yama. Wayesecabanga, "Yini engingayenza na? Kodwa ngifanele ngifinyelele kuYe. Ngeke ngasedlula lesisikhathi. Leli kungahle kube yithuba lokugcina engiyoba nalo." Futhi kungahle kube ngelakho, nawe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

142 Wabheka phansi, nenhliziyo yakhe iqala ukuvokomala. Wa—wayazi ukuthi wayeseBukhoneni baKhe. Kukhona into eyenzekayo uma ufika eBukhoneni baKhe. Waqaphela izinyembezi ziqala ukwehlela ezihlathini zakhe. Futhi wayemi lapho, evevezela, nalelibhokisi lisesandleni sakhe. Futhi—futhi wawela phansi ezinyaweni zaKhe. Wayesecabanga, "Ngeke ngabuka phezulu. Nginecala kakhulu futhi ngingcolile, ngeke ngabuka phezulu." Ngakho waqala ukukhala. Ziqala ukwehlela phezu kwezinyawo zaKhe. Futhi uqala ukuzigeza, ka*njalo*, ngezandla zakhe; azesule, ezama ukwesula izinyembezi ezinyaweni zaKhe, futhi egeza izinyawo zaKhe ngezinyembezi zakhe. Futhi emva kwesikhashana . . .

143 Wayengenathawula lo—lokwesula izinyawo zaKhe ngalo. Ngakho, izinwele zakhe zazilenga, futhi uqala ukwesula izinyawo zaKhe ngezinwele ezazisekhanda lakhe.

144 Bebengeke yini odadewethu babe nesikhathi benza lokho na? Bebeyodingeka bame ngekhanda labo ukuba bakwenze. Niyabo? Impela. Ehhe. Odadewethu, namhlanje. Angazi noma, nina, angazi noma abesifazane bayaqonda yini ukuthi uNkulunkulu usigcina sonke esesithembiso saKhe. Angazi noma niyaqonda yini ukuthi akunakwenzeka nhlobo ukuba wena ungene, kanjalo. Uzigcina zonke ezezithembiso zaKhe. Niyaqonda yini ukuthi nenzani uma nenza lokho na? Niphika isiqiniseko sobumsulwa. IBhayibheli lasho, ukuthi, "Uma owesifazane ephungule izinwele zakhe, kwakuyinto ngisho engavamile kuye ukuba ngisho akhuleke. Futhi uhlazisa umyeni wakhe, ekwenzeni kanjalo."

145 Futhi khumbulani, kwaba ngowesifazane owephula umyalo owodwa kaNkulunkulu, owabangela konke lokhu ukuba kwenze lokho. Nicabanga ukuthi oyedwa ephula owodwa, uyobuyela emuva angene na? Kucabangeni. Mhlawumbe, ngezinye izikhathi, abefundisi akanaso isibindi ngokwenele ukuba anitshele. Lesi yisikhathi esisodwa enizokuzwa ngaso. YiQiniso.

146 Omunye wathi, "Awubayeki ngani labo besifazane na?" Indoda edumileyo yangitshela lokho, kungekudala. Yathi, "Awu, bakholwa ukuthi ungumprofethi. Bafundise ukuthi wemukelwa kanjani uMoya oNgcwele, futhi bathole lezizinto ezinkulu, nokuthi bafanele kanjani ukuba babe—babe ngabaprofethi,"

kanjalonjalo. Ngathi . . . "Bafundise izinto ezinkulu ngokuthe xaxa."

147 Ngathi, "Ngingabafundisa kanjani ialjebra bebe bengeke bafunda ngisho oABC babo na?" Kuyakhombisa. Okungaphandle kuzwakalisa okungaphakathi. Kodwa niyaqhubeka, nikwenze, noma kanjani. Ngani na? Aninakho ukukuzwa.

148 Wayelapho. Nezinwele zakhe, uqala ukwesula izinyawo zaKhe ngazo, futhi womisa izinwele zaKhe. Wayesabela ukufa. Futhi emva kwesikhashana, ucosha lelibhodlela lamafutha okugcoba, futhi uyalephula, futhi wazama ukulishaya futhi walephula. Wayesewathululela ezinyaweni zaKhe. Futhi wayekhala. Futhi njalo uma ekhala, wayefola futhi ange izinyawo zaKhe. Wayeba nokuhayiza.

149 Uma ufika eBukhoneni baKhe, bukwenza ube nokuhayiza. Ngaba nokuhayiza. Noma yimuphi umuntu oke afike eBukhoneni baKhe, oMkholwayo futhi enokukholwa kuYe, kuyokwenza ube nokuhayiza. NgoSuku lwePhentekoste, ngenkathi Efika ngesimo sikaMoya oNgcwele, baba nokuhayiza. Uma ngempela ukholwa, futhi uyazi futhi uyaqonda ukuthi yithuba lakho, futhi useBukhoneni baKhe, uqinisekile ngabo.

150 Wathi [Mfowethu Branham wenza imisindo yokwanga—Umhl.], wanga izinyawo zaKhe, futhi akhale, futhi ageze, futhi esule, futhi [UMfowethu Branham wenza imisindo yokwanga.] futhi wanga izinyawo zaKhe futhi. Niyazi, uJesu, ukuba wayenyakazise unyawo olulodwa, wayeyogxuma aye phezulu futhi aphume agijime lapho. Kodwa, niyazi, Wahlala nje futhi wamyeka akwenze.

151 Niyazi, uma ufuna ukwenza okuthize, ngokuba Uyakuyeka ukwenze. Kungahle konke kuphume ohlelweni, kodwa Uyokuyeka ukwenze, noma kanjani. Niyabo? Futhi U . . .

152 KwakuMenzela inkonzo, futhi wayegeza izinyawo zaKhe. Futhi Wahlala lapho nje wayesembuka. Wayesaba ukubuka phezulu, ngoba esaba ukuthi Wayezomenza asuke ngokusheshа. Futhi, niyabo, wayegeza izinyawo zaKhe. Yithuba lokuMenzela okuthize. Futhi nje waye . . . Manje, niyabo, futhi ngenkathi E . . .

153 Ngenkathi uJesu ephendula umFarisi, Wamlungisisa owesifazane ngemisebenzi yakhe. Kodwa ngenkathi Emlungisise kuye uqobo, Wamlungisisa ngokukholwa kwakhe, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Wakhombisa umFarisi ukuthi imisebenzi yakhe wawuyini.

154 Ngoba, imisebenzi yakho izwakalisa ukukholwa kwakho. Manje ziyeke izinwele zakho zikhule. Ha! Niyabo? Kulungile. Manje, niyabo, kuzwakalisa lokho okukholwayo, noma qha. Lelo yiZwi likaNkulunkulu. Akukho-mBhalo eBhayibhelini

kodwa yilokho okuyiQiniso. Nikwenzelani na? Manje qaphelani, kuneningi kakhulu iHollywood ePhentekoste, yileyo-ke indaba. Manje siyathola. Lelo yiQiniso. YiHollywood eningi kakhulu nje. Ubuka lezizinto futhi uzilinganise.

155 Inenekazi lathi kimi, kungekudala, lathi . . . encane, ingubo endala empintshayo liyigqokile. Ngathi, "Awuyikhumuli ngani leyo, ungumzalwanekazi na?"

156 Lase lithi, "Ngani, Mfowethu Branham, abazenzi ezinye izingubo."

157 Ngathi, "Bayayenza imishini yokuthunga, futhi banazo izindwangu. Niyabo? Uyafuna nje."

158 Ngiyanitshela ukuthi kungani. Ake nginitshele, bodadewethu. [Ibandla lenanela ngehlombe—Umhl.] Ehhe. Ngiyabonga. Ngolunye lwalezizinsuku nizodingeka niphendule ngokuphinga.

159 Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ngimsulwa nje kumyeni wami ngakho konke." "Ngimsulwa nje esokeni lami." Lokho kungaba njalo, futhi.

160 Kodwa uJesu wathi, "Obuka owesifazane, amkhanuke, usephingile naye vele enhliziyweni yakhe." Futhi uma uziveze wena phandle lapho, nalesosoni sicabange lokho ngawe, ngoba uziveze wena; ngoSuku lokwaHlulela, ngenkathi owesilisa ephendula ngokuphinga, ubani onecala na? Kucabange. Ehhe. Kunjalo impela. O, besifazane, buyani, bodadewethu, buyelani kuKristu; bafowethu, yenzani okufanayo. Nani besilisa oyoyeka umkakho enze lokho, futhi uzibiza ngendoda, inhloko yekhaya na? Ehhe. Qaphelani. SiseSikhathini esesabekayo, mngane, futhi siyaqaphela.

161 Futhi nangu lo wesifazane omncane wayanga izinyawo zaKhe, futhi egeza izinyawo zaKhe, futhi esula ngezinwele zekhanda lakhe. Futhi khona manjalo, umFarisi omdala, laphaya ekhoneni, kwenzeka wakuqaphela. O, he! Intukuthelo yakhe yokulunga yavuka, nesilevu sakhe—sakhe esikhulu safutheka, nobuso bakhe babukeka sengathi wayezoqhuma. "O, he!" Wathi, "Woza lapha. Buka la. Buka laphaya."

162 Wayesethi phakathi kwenhliziyo yakhe uqobo manje, engqondweni yakhe—yakhe, wathi, "Uma lowomuntu ube ngumprofethi, ubeyokwazi ukuthi hlobo luni lowesifazane olumthintile."

163 Bonani uma Engumprofethi, noma qha. Niyabo, Wayibona imicabango owawusenhliziyweni yakhe. Futhi khona manjalo, Wanyakaza. Nowesifazane omncane wasukuma, ukuba abuke phezulu, amehlo akhe exhopha. Wabheka ngale, Wayesethi, "Simoni," Wathi, "Ku—ku—khona eNgifuna ukukusho kuwe." O, he! "Nakhu lapho ukhona, Simoni. Kukhona eNgifuna ukukusho kuwe. UNgimemile lapha. Ngiza ngesimemo sakho.

UNgimemile. Futhi ngenkathi Ngifika emnyango, awuzange ugeze izinyawo zaMi. Futhi ngenkathi Ngingena, awuzange ugcobe ikhanda laMi. UNgiyekele ngangena, ngingcolile. Futhi awuzange uNgange ungemukele, nakuba uNgimemile. Kodwa lona wesifazane lapha, akabe noma yini angaba yiyo, ugeze izinyawo zaMi ngezinyembezi zakhe. Uzesule ngezinwele zekhanda lakhe. Futhi ugcobe izinyawo zaMi, futhi njalonjalo wanga izinyawo zaMi selokhu ecambalale lapho." Wathola ukuthi ngabe Wayengumprofethi yini, noma qha.

164 Manje-ke Wathi, "Simoni, Ngifuna ubuke okuthize." Wathi, "Hlobo luni. . . Ngifuna ukukunika isiphico." Wathi, "Lapho kuthethelelwe khona kakhulu, kuthandwa kakhulu." Futhi Umnika isisho. NoSimoni wamphendula.

165 Qaphelani. USimoni akaMnikanga lutho ukuba ageze izinyawo zaKhe ngalo, kodwa Wayenamanzi amahle edlula onke ayengaba khona. Cabangani nje, izinyembezi zesoni esiphendukile sigeza ukungcola ezinyaweni zikaJesu; izinyembezi zamehlo esoni zigeza ukungcola ezinyaweni zaKhe.

166 O, besilisa nabesifazane, kulobubusuku, uma nibona ihlazo liphezu kweVangeli! Futhi sisitashi kakhulu, bekungasusa konke ukupenda ubuso bethu uma sikhale unyembezi; futhi sibukeka sesabeka, ukuba sibe semgwaqeni. Nizoba yini uma senibhekana nemihubhe yaseZulwini ngaleya na?

167 Futhi nango wayelapho. Wayegeze izinyawo zaKhe, wanga izinyawo zaKhe, futhi wayezoMgcoba, futhi enza yonke into ayengayenza, ngoba wayefuna ukuthethelelwa. Futhi khona manjalo, wa—wamangala ukuthi Uzokwenzani manje.

168 Wayekhombise uSimoni, futhi kwabuye kwabuyela kuye. Into ayisho, "Wayengesuye umprofethi," yafakazisa ukuthi Wayengumprofethi, ukuthi WayeyiZwi likaNkulunkulu. Manje, umi lapho nobuso bakhe bukhukhumele. Wayeyomdumela lowo wesifazane omncane, amphose ngaphandle kwesonto.

169 Kodwa wayethole lokho ayekucelile. Amen. Akwenzimehluko ukuthi bonke abanye babo bathini. Wakuthola ayekucelile.

170 Manje Uphendukela kuye. Inhliziyo yakhe endadlana iqala ukushaya ngamandla ngempela. Manje Uzothini na? Nango. Zonke ezezinwele zakhe ezinhle ezisongene zazilenga zonke zize ziyoshaya zeqe ukhalo lwakhe lapha. Namehlo akhe—akhe ayehla izinyembezi eziyimishwe. Nobuso bakhe nezindebe konke kusagrisi, lapho ayekade anga khona izinyawo zaKhe, emva kokuthela lawomafutha phezu kwaKhe. Impela ubukeka emahlaphahlapha. Kodwa lawomehlo amakhulukazi, ebuka ukubona ukuthi kuzothini.

171 Wathi, "Futhi Ngithi kuye: zonke izono zakhe, eziningi, uthethelelwe zona." Lokho ngukuthi. "Zonke izono zakhe uthethelelwe zona."

172 Yilokho engifuna ukukuzwa. O, lokho ngamazwi engiwafunayo. Angikhathali ukuthi bonke abanye uthini. Ngilungele ukuma ehlelweni lakhe, ngimemezele ukuthi UyiZwi likaNkulunkulu. Angikhathali ukuthi bathini. Mababeke noma yikuphi ukungcola phezu kwaLo abafuna ukukubeka, bethi, "Ofunda ingqondo, umbhuli," noma ngabe yini abafuna ukuyisho. Ngikulungele ukwanga ihlazo elivela kuYe. YiZwi laKhe. Impela. Wakwethembisa. UyiZwi kakhulu impela nje namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Washo njalo.

173 Manje, mngane, kungahle kubekhona abantu abahlezi lapha abangevume ukuthi UngumProfethi. Ungahle ungavumi ukuthi Ungumphilisi. Kodwa yinye into lonke ilunga lebandla elifanele livume, UnguMsindisi.

174 Futhi ngifuna ukusho lokhu ngingakavali. Kungekudala, umngane wami ongummeli wasemajajini wayethetha icala lowesilisa nowesifazane owayezokwehlukanisa. Ummeli wasemajajini wayengumnumzane ohloniphekile ongumKristu okahle. Wathi, "Ninge—ningehlukanisi." Wazama ngamandla akhe onke ukubavimbela kukho. Kodwa, qhabo, babezimisele ukuthi babezokwenza. Into ethize equbuka phakathi kwabo. Futhi emva kwesikhashana, wathi, "Awu, uma ninekhaya ezansi lapho, kungcono nehle, nehlukanise impango. Isizathu, uma bezokwehlela lapho, labobammeli nezinto bangena kukho, niyazi ukuthi kuzokwenzekani. Bazothatha konke nokunci kwakho."

175 Ngakho bangena emakamelweni, ukuba behlukaniselane ababenakho. Bahamba bangena ekamelweni lokuhlala. Baqophisana futhi bekhathazeka. "Ngithenga *lokhu*," futhi "Ngangina*lokhu*." Futhi baqhubeka, ekamelweni elilandelayo, futhi behlukaniselana phakathi lapho. Futhi ekugcineni benyukela ekamelweni eliphansi kophahla endlini enesitezi. Babene. . .Bakhumbula ukuthi babenetranki elidala phezulu lapho. Bangena lapho futhi baqala ukuthi, "Awu, *lokhu* kwakungokukamama wami." "*Lokhu* kwakungokukamama wami," kanjalo. Behlela etrankini, ngamunye, bobabili beguqe kwiphansi lendlu, nesivalo setranki sivuliwe, behlukaniselana lokho okwakukhona. Babengavumelani. "*Lokho* kungokwami." "Ngakukhokhela *lokho*." "Ngenze umsebenzi." "Ngahlala ekhaya ngenkathi wena ukwenza," beqophisana.

176 Ekugcineni bavusa enye into, futhi bobabili bayidumela, ngesikhathi esifanayo. Kwakuyini na? Ipheya elincane lezicathulo zengane encane eyayikade izalwe kulowomshado, uNkulunkulu ayeyithathile. Abaphikisananga. Babenento abangahlanganyela kuyo. Lapho bebamba izandla zabo, owesilisa wakhumbula ukuthi owesifazane wayengumama waleyongane. Owesilisa wakhumbula ukuthi owesifazane wayengumama. Owesifazane wakhumbula ukuthi owesilisa wayengubaba. Futhi lapho bebamba izicathulo ezincane

ngezandla zabo, badonsana omunye komunye, bagaxana. Icala lesahlukaniso lachithwa. Ngani na? Bathola into ababengahlanganyela kuyo.

177 Ningahle ningavumelani nami kuleliviki, ukubona uMoya oNgcwele ungena, uqinisa lamaZwi nezinto. Nenze i . . . Ungahle ungavumelani nalokho. Ungahle ungavumelani nabagulayo bephiliswa. Kodwa sinayo into eyodwa esihlanganyela kuyo: lelo yiGazi likaJesu Kristu elisisindisa ezonweni. Ningakugeza ukungcola ezinyaweni zaKhe kulobubusuku na?

178 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Khumbulani, Ugcina zonke izithembiso. Ugcina zonke izithembiso. Wethembisa, "Noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakuba mhlophe njengeqhwa. Zonke izono zithethelelwe nina, uma nje nizokukholwa."

179 Manje, amakhanda ethu ekhotheme. Angazi ukuthi bangaki phakathi lapha ozophakamisa isandla sakho bese uthi, "Mfowethu Branham, ngiyafuna, yonke impilo yami, angifuni ukuMyeka ahlale futhi enziwe ihlazo. Futhi ngi—nginethuba njengoba kwenza owesifazane omncane. Ngiyafuna, ngobufakazi bami, ukugeza ukungcola kuYe, u . . . IGama laKhe eliligugu"? Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Ngi—ngi . . . "? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle.

180 Manje, Baba waseZulwini, zibeningi, izandla eziningi eziphakamile lapha njengamanje. Futhi siyabona ukuthi iGama likaJesu Kristu linyathelwe ekungcoleni. Futhi yonke into eseZulwini yethiwe ngaLelo. Yonke into emhlabeni yethiwe ngaLelo. Lonke—lonke ilunga lebandla, lonke ilunga loMzimba kaKristu, linguNkk. Jesu. Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi sizobona futhi sikuqonde lokho, kulobubusuku. Futhi kwangathi umusa waKho ungehlela phezu kwalababantu manje futhi uthethelele zonke izono, ukuthi bakwazi lokho, eBukhoneni baKho manje, futhi bazi ukuthi Wena ulapha. UMoya waKho oNgcwele mawusifundise sonke manje, futhi kwangathi singathethelelwa zonke izono zethu namaphutha ethu. Futhi kusukela kulobubusuku kuqhubeke, kwangathi singaba yizidalwa ezintsha, sigcwaliswe ngoMoya waKho. Siphe khona. Kwangathi singaba nokuzwa koBukhona baKho. Ngokuba sikucela eGameni laKhe.

181 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu. Angazi noma, kulobubusuku . . . Manje, ngikhuluma ezonini, nasemalungeni ebandla, nakubahlubuki, nakulabo abangenawo uMoya oNgcwele. Ngikhuluma kini. AkaMemukelanga ngani umFarisi na?

182 Sizolokhu siMbiza ukuba eze. "O Nkosi, Uzoza na?" Ngenkathi ingane yakho igula, waMbiza ukuba eze. Waba

nesihawu, akungabazeki. Ngenkathi wawusuzobona lesosiphihli sengozi phandle lapho, wabiza Yena. U—Ukuvumela uphume kuyo. Kodwa angazi noma, angazi nje noma, nazo zonke lezizinto esiMcela zona, futhi siyaMmema, bese kuthi-ke uma efika ukusivakashela kanje, angazi noma sinamahloni nje.

183 Ukuthi, "Awu, kade ngiyilunga lebandla, kodwa ngifuna ukuMthola embhaphathizweni kaMoya oNgcwele kulobubusuku. Ngifuna Yena. NgiyaMdinga. Angikhathali ukuthi lonke izwe lithini ngaWo. Ngifuna Yena." Ningathanda ukuba nombhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Uma nithanda, ngizonicela ukuba nenze okuthize. Ngifuna nikhuphukele lapha, khona lapha lapho engikhona manje. Yehlelani khona lapha ngqo futhi nime ngqo kulomgodi ngakimi. Wonk'umuntu phakathi lapha, wonk'umuntu ongasindisiwe, kuqala, ningenyukela lapha bese nima lapha umzuzu nje na?

184 Uma nikholwa ukuthi Uyawuzwa umkhuleko, ningeza lapha bese nima lapha nje umzuzu manje, sisacula ivesi elilodwa leculo na? Yiliphi lelo na? *Kahle Nangomusa uJesu UyaBiza*. Kulungile, amakhanda ethu ekhotheme, wonk'umuntu ekhuleka, yenyukelani khona lapha bese nima lapha, khona lapha phansi kulomgodi lapha.

> Kahle nangomusa, uJesu . . .

Woza, ungeza, mngane, noma yikuphi lapho okhona na?

> Ubiza wena na . . .

185 UJésus ngalezizinsuku zokugcina, ngaphambi kokubonakala kwaKhe nje ngesimo somzimba manje, ehlezi nezinyawo ezingcolile. Uyavuma ukuza futhi uthathe isinqumo sakho sokuma, ukuba ususe ihlazo eGameni laKhe na?

> Uyabiza, O soni, woz'ekhaya.
>
> Woz'ekhaya.

186 Unge . . . Sukuma ngokushesha manje. Cabangisisa. Woza ngqo manje. Sinenqwaba yesikhathi. Kusasa yiSonto. USonto s'kole akaqali kuze kube elesishiyagalolunye ligamenxe. Woza manje.

> . . . okhandlekile, woz'ekhaya;
>
> Kahle, nangomusa . . .

Niyaqonda ukuthi uJesu ulapha na?

> Uyabiza, O soni, woz'ekhaya.
>
> Woz'ekhaya.

187 Kunjalo. Phumani kuvulande osesitezi. Sizonilinda. Wozani nenyuke ngqo, ngamunye manje, bese nithatha indawo yenu khona phansi lapha ngqo. Manje nje . . . Lokhu kusho impilo yakho.

188 Kwenzekani na? Buka ukuzamazama-komhlaba emhlabeni wonke jikelele, kunyakazisa umhlaba futhi. Bukani ukuthi kwenzekani ndawo zonke. Isikhathi sesiseduze. Futhi bukani, umnyango uzovalwa, emva kwesikhashana, futhi nizokhalela ukungena, futhi ningakwazi.

189 Ngakhuluma nowesifazane osemusha, kungekudala. Ngangibambe umhlangano ebandleni lamaBaptisti, futhi ngamcela ngalobo busuku ukuba eze kuKristu. Futhi akangakwenza. Kwase kuthi-ke kamuva, wahlangana nami ngaphandle wayesethi, "Ungaphinde neze ungihlambalaze kanjalo." Sekungunyaka kamuva, ngedlula esitaladini. Wayeyintombi ehloniphekile. Ngedlula esitaladini. Iziketi zakhe zangaphansi zilenga, ebhema usikilidi, wehla ngesitaladi. Wayeyindodakazi yedikoni. Ngase ngithi, "Halo, lapho. Awu . . ."

Wathi, "Halo, mshu'!" Ulwimi lwesitsotsi olunjengalolo, "Halo, mshu'!"

Ngathi, "Awunamahloni, lowosikilidi na?"

190 Wathi, "Hheyi, ungathanda ukuphuza ebhodleleni lami na?" Wayedakwe uhhafu.

Ngase ngithi, "Awunamahloni ngawe uqobo na?"

Wathi, "Woza lapha. Ngifuna ukukuyisa lapho engihlala khona."

Ngathi, "Awukho ekhaya na?"

"Qhabo."

Ngathi, "Yin'indaba na?"

Wathi, "Phuza kancane ebhodleleni lami. Ngizokutshela."

191 Ngathi, "Awunamahloni ngawe uqobo, ukuba ungiphuzise ebhodleleni, noma usikilidi na?"

192 Wathi, "Kukhona engifuna ukukutshela khona, mshumayeli. Uyazi ngalobo busuku owangitshela ngabo leyo kwaba 'yishansi yami yokugcina'?"

Ngathi, "Yebo, ngiyakhumbula."

193 Wathi, "Wawuqinisile." Wathi, "Kusukela ngalesosikhathi, umphefumulo wami ubul'khuni kakhulu!" Wathi . . . Manje nakhu ukuphawula. Kuvele nje kugijime ukuqhaqhazela phezu komhlane wami. Wathi, "Ngangiwubona umphefumulo kamama wami uqobo uthoseka esihogweni njengepanikuku, futhi ngiwuhleka."

194 Ubungafuna ukungena kulesosigaba na? UngaMenqabi. Ngakho khona manje, ungeze, ume lapha nabo bonke babanye balaba na?

Woz'ekhaya, woz'ekhaya.

195 UkuMxosha, yilokho okwenzekayo. Khumbulani, uyoMala, okokugcina.

Woz'ekhaya. Earn-. . .

196 Uzigcina zonke ezezikhathi zaKhe zokunqumelana ukubonana. Futhi unaso esisodwa naYe. Uzodibana naYe ekwaHlulelweni noma udibane naYe lapha.

Uyabiza, O soni, woz'ekhaya.

197 Niyazi, ngimangele kakhulu. Inhliziyo yami izwakala ixakile ngempela. Ngicabangile, namhlanje, ngenkathi ngikhuleka . . . Ngibe nomunye umlayezo ebengizokhuluma ngawo. Ungitshele ukuba ngenze lowo. Ungitshele ukuba ngisho lowo. Ngicabange ukuthi bonke abesifazane abaphungule izinwele bebezoma lapha kulokho kubizela ealtare. Niyabo, nithola nje ukuba l'khuni kakhulu nokuba kude kakhulu. Niyabo? Nedlula lowomugqa phakathi kwalowomfutho, niyabo, ningalizwa iZwi likaNkulunkulu. Ngicabange ukuthi impela kuzokwenzeka. Kodwa ngiqagele mhlawumbe isikhathi sesedlule kunoma ngempela ngicabanga. Khumbulani, igazi alikho phezu kwezandla zami. Angigwemanga ukunitshela iCebo likaNkulunkulu, ngendlela eLiyiyo.

198 Khumbulani, kunokuthize okungaphakathi, kukhomba okungaphandle. Suka kukho, dade, othandekayo. Mfowethu, mbambe ngesandla bese nenyukela lapha. Awukwenzi ngani na? Ungekwenze, ungefune ukuba ngumKristu wangempela na? Kusizani ukuphila impilo ephakathi nendawo, futhi uphila phansi kokulahlwa na? Ungakwenzi lokho. Uyabo? Wena uthi, "Awu, ngi—ngi . . . " Angikhathali ukuthi wenzeni. Izithelo zakho yilokho owaziwa ngakho.

199 Nginqamula iMelika, njalonjalo. Futhi njalo ngonyaka ngiyanqamula, kuya ngokuba kubi kakhulu ngokuba kubi kakhulu, ngakho ngiyazi ukuthi kukhona okungalungile. Usuku lomusa luyedlula. Ningakuvumeli lokho kwenzeke kini lapha eTampa. Nilapha kwelibanzi, elikhulu, idolobha elimangalisayo lapho yonke into igcwele ubukhazikhazi, njengeHollywood nje.

200 Umhlaba wonke usuwonakalisiwe. Konke okukumathelevishini nezinto ngezithize ezindala zenhlamba, izinto ezingcolile. Futhi uzama ukwenza iphethini qobo lwakho enjengalokho. Ungethathe isibonelo sikaJesu na? Unge—unge ungeMvumele na? Ungelalele iZwi laKhe na? Ungezenze lezizinto ezifanele na?

201 Bangaki phakathi lapha ngobuqotho abazosho ukuthi uyazi ukuthi awunawo uMoya oNgcwele na? Zibuke kuwe uqobo, esibukweni, futhi wazi ukuthi awunawo. Wazi, futhi nje buka impilo yakho uqobo, nendlela owenza ngayo.

202 Hhayi ngoba ungowesonto, "NgingoweMethodisti, iBaptisti, iPres-. . . ngi . . . " Lokho kulungile. Angisho lutho olumelene

nalokho. Kodwa ngiyakubuza, uyamazi yini uKristu Jesu na? Ngabe Uphila kuwe na? Uma Ephila, Uzozikhomba Yena uqobo lapho. Uma Elapho, Ubophezelekile ukuba Azidedele aziwe. Ungeke waMfihla, Umi uthe qekelele.

203 Awunaye uMoya oNgcwele, futhi uyazi ukuthi awunaye, phakamisa isandla sakho. Yiba qotho kanjalo. Uthi, "Anginaye uMoya oNgcwele. Ngiyazi anginaye." UNkulunkulu akubusise ngalobo buqotho. UNkulunkulu uzobuhlonipha lobo buqotho. Uma ufuna uMoya oNgcwele, ungeze ume lapha nalaba manje, lezizoni ezizisolayo lapha. Ungeze ngalesisikhathi na? Yenyuka bese uma, sisalicula futhi. Uthi, "NgiyaMfuna, Mfowethu Branham." Ngiyanitshela ukuthi kuthatha Lowo. Uzodingeka ube naYe, okoHlwitho. Lokho kunjalo impela.

204 Manje, niyakhumbula. Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukhuluma kini na? Niyakholwa ukuthi lowo nguJesu Kristu na? Phakamisa isandla sakho. Uma ukholwa, leliviki, kade usemihlanganweni, uyakholwa ukuthi nguKristu. Kulungile, khona-ke indawo yakho isealtare.

205 Futhi besifazane, ngiyanidabukela. Besilisa, ngiyanidabukela ngokumdedela akwenze. Nina besilisa phandle lapha, nenza lezozinto!

206 Nabanye benu befundisi, lelodola elinamandla esikhundleni seZwi likaNkulunkulu uSomandla; nivumela lelobandla lingene kulolohlobo lwesimo, ngenxa nje yenhlangano ethize.

207 Nifunda iBhayibheli elifanayo engilifundayo. Awunamahloni ngawe uqobo na? UJésus nezinyawo ezingcolile. Futhi awunakho yini ukuthwansulwa kwamaKristu kwangempela ngawe, ukuba usukume bese uyaMemukela na? Kubukeka sengathi ubufanele.

208 Nkulunkulu yiba nesihawu. Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzothumela uMoya oNgcwele ekuhlabekeni njengamanje, ozokwenza lelibandla liqonde lapho elihlezi khona.

209 Unakho ukuzwa ukuthi leli yithuba lakho na? Uzokwenza njengoba lesosigijimi senza, wedlule ithuba lakho lokugcina na? Uzokwenza lokho na? Ungakwenzi. Uma kunokungabaza nomaphi, noma kukhona okungalungile, thatha indawo yakho phansi ngqo lapha. Thatha indawo yakho. Lena yindawo yakho.

Uthi, "Awu, angifune . . ."

210 Babengafuni, nabo. Babeyowela futhi baMbone ehlezi lapho. Babezohamba futhi bazikhombe bona uqobo. Kodwa kwakuphikisana nenhlangano yabo. Kuthiwani nge . . . Kwakungaphikisani naYe. Lowo wesifazane omncane akabanga nandaba. Wayazi ukuthi wayeyisoni. Wathola ukuthethelelwa.

211 Angazi ukuthi kwenzekani. Bakuphi kulobubusuku na? Uphi lowo wesifazane, kulobubusuku, nicabanga na? Futhi

ukuphi umFarisi, kulobubusuku, nakuba engowenkolo na? Ungabezwa bobabili, lapho bekhona, impela beniyothatha indawo yakhe owesifazane, noma ngasiphi isikhathi. Ngakho, akunandaba ukuthi ungowenkolo kangakanani! Uma u . . . UJesu uzigcina zonke izikhathi azinqumele ukubonana. Yonke imiYalo, Yena, uzofanele uphendule ngakho.

212 Ngakho, kungcono uze manje, uma ungenaye uMoya oNgcwele. Wakuyala ukuba ube nawo. Wathi, eNcwadini yeZenzo, uPetru wathi, wathi, "Phendukani yilowo nalowo abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono, khona niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo bonke okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Futhi inqobo nje uma Esabiza, Usanikana uMoya oNgcwele.

213 Sisacula futhi, ningeze na? Leso yisikhathi sami sokugcina manje. Khumbulani, uKristu ubelapha, futhi nonke niphakamise izandla zenu, nakhomba ukuthi bekunguYe neZwi laKhe.

Futhi phansi, lokho, uKristu, enhliziyweni yami, Uyadabukiswa.

214 UJesu wahlala phezulu phezu kweJerusalema, ngesinye isikhathi, wathi, "Jerusalema, Jerusalema, bengithanda kangakanani ukunifukamela njengesikhukhukazi sifukamela amazinyane aso, kepha anivumi."

215 Izikhathi ezininginingi, uma ngifika phakathi, njengoba nginitshelile kulokhu ukusa ekudleni kwasekuseni, nina bantu abakahle bePentecostal, nazo zonke izinhlobo zabantu. Uma ngifika phakathi kwenu, uMoya oNgcwele phansi kimi, uthi, "Bengifisa kanganani ukubabutha. Ukuthi ibandla beliyobe limi kanjani namhlanje emandleni alo, kodwa anivumi." Niyabo? Anivumi. Ningekwenze manje na? Yilesi isikhathi. Lahlani konke okusindayo oku . . . isono esinithandela kangaka. Asigijime ngokubekezela ekuncintisaneni esikumiselweyo.

216 Sisabiza omunye futhi, wonke umuntu akacule nami manje. Sukumani futhi nenyukele lapha. Uma ungenawo umbhaphathizo kaMoya, uma uyisoni, umhlubuki, noma ngabe uyini, woza wenyuke futhi asikhuleke ndawonye. Nizokwenza manje na? Lokhu ukubiza kwethu kokugcina.

Kahle nangomusa uJesu uyabiza,
Ubiza wena nami;
Uyabona emhubheni Ulindile futhi uyabhekisisa,
Ubhekisisa wena na . . .

217 Ukuba-ke umFarisi ubengezwa lokho kubizela ealtare, kulobubusuku, ehlezi emuva lapho, ubeyokwenzani na?

Woz'ekhaya, woz'ekhaya.

218 Uyonile indlela yakhe, ukusuka osukwini. Ubungenza into efanayo na? Ukuba ke lowomfana oyisigijimi ubengama phambi kwaKhe futhi, bekuyoba yini into yokuqala na?

> . . . ekhaya;
> Kahle, nangomusa, uJesu uyabiza,
> Uyabiza . . .
>
> Woz'ekhaya, woz'ekhaya, (O Nkulunkulu)
> Wena okhandlekile, woza.

219 Ngabe lezizibonakaliso ziyakukhathaza, emhlabeni namhlanje, ukuzazi na? Noma, ngabe uyedlulile leyondawo na? Ngabe isekhona indawana ethambile phakathi lapho na? Uma ikhona, woza. Mvumele angene, kuwelise, khona lapho. Uzokwenza isidalwa esisha. Uzohamba lapha ungumuntu ojabule kunabobonke owake waba nguye.

> Uyabiza, O soni, woz'ekhaya.

220 Namakhanda ethu ekhotheme manje, asilihamishe. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha *Kahle Nangomusa*—Umhl.] Ungez'ekhaya lapha na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane, ukubonile.

> Wena okhandlekile, woz'ekhaya.

O mhlubuki, woz'ekhaya.

> Kahle, nangomusa . . .

221 Ushisekele na? Uma wenelisekile, khona-ke ushisekele. Noma, uma ungenelisekile namanje ukuthi uJesu, khona-ke ungeke ushisekele.

> Woz'ekhaya.

222 Manje, khona lapha, emphakathini, angeke senze okuningi kakhulu ngakho, simi lapha. Woza, ukuba wenze ukuvuma.

223 Esikhathini esithize esedlule, ngezwa indatshana. Ngifuna nilalele, ekuvaleni. Kwakukhona indoda egama linguDanny Martin. Wanqamula isizwe lapha, izimvuselelo eziningi ezinkulu. Babesho ukuthi wayenephupho, ngobunye ubusuku, ukuthi wafa. Futhi wa—waqala ukuyongena eZulwini; wahlangatshezwa esangweni. Wathi, "Ubani osondelayo na?"

224 Futhi wathi, "Lona nguDanny Martin." Wathi, "Ngingumvangeli."

225 Indoda esesangweni, yathi, "Asibone noma igama lakho lilapha encwadini." Yathi, "Alikho."

Wathi, "Awu, ngangingumfundisi."

226 Yathi, "Angeke ngasiza ukuthi wawuyini. Uma igama lakho lingekho lapha, ungeke ungene kulomnyango. Ukhiywe ngqi! . . . ufanele uze. Ufanele ube negama lakho encwadini."

Futhi wathi, "Awu, ngingenzenjani na?"

227 Yathi, "Ungahle uledlulise icala lakho, uma ufuna, esiHlalweni sobukhosi esimHlophe sokwaHlulela sikaNkulunkulu." O, mfowethu, dadewethu, ungalokothi ufune ukuya lapho.

228 Ngakho wathi, "Ngiqagele anginakho okunye engingakwenza kodwa ukuledlulisa icala lami."

229 Ngakho, wathi . . . Kwabukeka ngathi waqala nje ukuya ndawondawo; wayengazi lapho ayekhona. Leli yiphupho lendoda. Wayesethi, "Ngifika ekuKhanyeni. Akukho ndawo ethize okwaKuqhamuka kuyo. Kodwa ngaqala ukuqhubeka kancane, futhi, emva kwesikhashana, ngama. Ngezwa iPhimbo, lathi, 'Ubani osondela esihlalweni saMi sobukhosi sobulungiswa—sobulungiswa na?'"

230 Wathi, "Mina, uDanny Martin." Wathi, "Ngingumvangeli ovela eUnited States." Wathi, "Nga—nga—nga—ngazuza imiphefumulo. Futhi abangivumeli ngingene esangweni."

231 Wathi, "Kulungile. Uma udlulise icala lakho ukuba ume ezinkantolo zaMi," Wathi, "khona-ke ngidinga ubulungiswa." Wathi, "Nginemiyalo." Wathi, "Danny Martin, wake waqamba amanga, empilweni yakho na?"

232 Wathi, "Ngangicabanga ukuthi ngangikade ngiyindoda eneqiniso," kodwa, wathi, "eBukhoneni kwalokho kuKhanya, ngaqonda ukuthi ngasho ezinye izinto eyayinenkohliso." Wathi, "Yebo, Mnumzane. Ngawaqamba amanga."

Wathi, "Wake wantshontsha na?"

Wathi, "Ngangicabanga ukuthi ngangikade ngiqotho, kodwa ngibone okuningi."

233 Khona-ke, linda uze ufike eBukhoneni balokho kuKhanya. Ucabanga ukuthi ulungile manje, kodwa nje linda uze ufike lapho. Zama ukusondela kanye nezinwele eziphunguliwe, ubhema osikilidi. Kuzame nje, kanye. Ucabanga ukuthi nje ngisho lokho. Ngizokufakazisa kini, emBhalweni lapha. Kunjalo impela. Zama ukufaka ipheya lamabhulukwe amaslacks, izikhindi, thola ukuthi ukuphi. IBhayibheli lithi, "Kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu." Niyabo? Kuzame, kanye. Uphi unembeza wenu na?

Wathi, "Awu, wake wakwenza *lokhu* noma *lokho* na?"

"Yebo," washo.

"Futhi, Danny, wake wona na?"

Wathi, "Yebo, ngona."

234 Futhi nje usesozwa . . . Wathi amathambo akhe, ayebukeka njenge, ayephuma emajoyintini; ukuzwa lokho, "Suka uye esihongweni sangunaphakade, usuke eBukhoneni baMi."

235 Wathi wezwa iphimbo elimnandi ukwedlula onke ake awezwa. Wathi waqalaza, ukuba aLibone. Wathi wabona ubuso obuhle ukwedlula bonke ake abubona.

236 Wathi, Wathi, "Baba, lelo yiqiniso. UDanny wazama ukuphila yonke into ayeyazi ukuthi iphilwa kanjani, kodwa wakwenza okungalungile. Kodwa into eyodwa ayenza phansi emhlabeni, WaNgimela. WaNgimela, waNgisukumela, kulo lonke iZwi laMi. Manje Ngizommela Lapha."

237 Yilokho enikwenzayo manje. Nenza ukuMmela lapha. Uyokwenza ukunimela, phambi kukaBaba.

238 Nkosi Jesu, ngiyakhuleka ukuthi Uzohawukela futhi uphe ukuthethelelwa kwezono zalababantu. Beza lapha ukwenza ukuma. Bafuna ngamunye ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Uphe ukuthi kuzonikezwa kubo. Ngiyababiza, Nkosi, enkazimulweni yaKho, besami phambi kwalezizibukeli, njengofakazi.

239 Abanye babo bangamalunga ebandla, abanye bangabahlubuki, abanye abakaze baKwemukele phambilini. Futhi bamile lapha. Futhi babona ukungcola okulandela okwangempela, ukuvuma komKristu weqiniso. Futhi balungele manje ukuthatha ukuma kwabo, njengalowo wesifazane, ukuvuma ukuthi bayizoni. Kodwa ngezinyembezi zabo zokuphenduka bafuna ukugeza ukungcola eGameni laKho, Nkosi. Yipha ukuthi bangakwenza.

240 Manje ngizonibuza into eyodwa. Lapho eningeke nibe phandle lapha phambi komphakathi, banendlu ehlinzekelwe khona lapha emuva. Uma nithanda ukwemukela manje, ngifuna nibuyele emuva, ngaphambi kokuba sibuyele emuva lapho nani. Yenyukelani lapha ngqo esitebhisini *kanje*, futhi niphume lapha. Nizongenzela lokho manje na? Wozani ngqo nidabule *lapha*. Sinezindawo ezenziwe phakathi lapha ngqo zenu, mngane. Yenyuka ngqo *ngale*ndlela. UNkulunkulu anibusise, nonke.

241 Bakhona abanye futhi abangafuna ukuza khona manje, besahamba na? Ngifuna wonke ophakathi lapha, phumani futhi nibuyele emuva. Bazohlangana nani emzuzwini nje. Lobubusuku bunikezelwe lokhu. Manje isikhathi, yemukelani uMoya oNgcwele. Anikaze niWemukele; lesi yisikhathi. Wozani manje futhi niWemukele. Lesi yisikhathi sokulungisana noNkulunkulu. Usengakwenza isinqumo sakho sokuma. Manje, uma ungeke ukwenze, angeke Akumele phakathi Lapho! . . .?. . .

242 INkosi ibusise. Kubukeka sengathi, bonke ngamunye uyahamba. Ngiyakholwa ukuthi baqotho ngokujulile ngempela. Ngiyakholwa lobu kuzoba ubusuku obukhulu kunabobonke esike sabubona eTampa esikhathini eside. Angeke omunye eze ngaphambili manje na? Leso yizisebenzi eziqondene nabantu emuva lapho, namathikithana azo ziwafakile, zihamba nabo.

Singena lapho, emizuzwini embalwa nje, ukuba silungisane nabo lapho. Bazobe besalokhu bengaphakathi endlini. Nina bazalwane yanini khona lapho futhi nihlangane nabo-ke, qhubekani, nibehlukanise endlini. Ngizoba nani khona lapho, emzuzwini nje.

243 Angeke omunye eze ngokushesha impela, besahamba manje na? Yimani phandle nje ngqo.

244 Nizomvumela uJesu ahlale phakathi kulolusuku na? Nithi, "Ukuba ngangikade ngisemuva lapho, ukuba ngangikade ngiMbone kanjalo, ngangingekwenze lokho." Kuthiwani ngakho manje na? Isimo sokuziphatha sakho uqobo samanje sikhomba owawuyokwenza ngaleyonkathi. Niyabo? Isimo sokuziphatha osithathayo manje, uzizwa sengathi wenele kahle na? Kulungile. Lokho kuphakathi kwakho noNkulunkulu. Angisilo ijaji. Ngibophezekile nje eZwini. Niyabo? Ulapha emihlanganweni. Baphuma emabandleni, futhi, kodwa bayangena ukukuxazulula khona manje. Yilokho konke okwakho. Balungele. Kungani nifuna ukuphila impilo yobuKristu emaphakathi nje na? Kuphakathi kokuthi yiba ngokaNkulunkulu, noma umelana naYe, ukuze izwe lizoyazi imibala yakho futhi lazi ukuthi umi kuphi.

245 UNkulunkulu ababusise besahamba. Bayangena, njenge, ukuba baphele kubo. Bazonika ukuphila kwabo. Baya eKalvari. Bazobethelwa ezintweni zezwe, nezimfashini ezinhle ezikhangayo zalolusuku esiphila kulo phakathi lapha. Bazofa kuJesu Kristu, OBukhona bakhe bulapha khona manje. Bazophela kubo uqobo, futhi bazalwe kabusha kuJesu Kristu. UNkulunkulu ababusise.

Ukhona omunye ozoza, sisacula kancane manje na?

> Kahle, nangomusa, uJesu uyabiza,
> Uyabiza, O soni, woz'ekhaya.
>
> Woz'ekhaya,

Nizokwenza na?

> Woz'ekhaya,
> Wena okhandlekile, woz'ekhaya.

246 Manje, kahle, uMoya oNgcwele ubonakala nje usenhliziyweni yami, ukhala kakhulu nje. Ngiyazi kunabaningi kakhulu abakugejayo.

> Uyabiza, O soni, woz'ekhaya.

247 Kusuka kuvulande osesitezi, kusuka ndawo zonke, khumbulani, nginikela kini uJesu Kristu. NizoMemukela na? NizoMemukela na? Uzomemukela, dadewethu na? Uzomemukela, mfowethu na? Woza futhi wenze okwakho . . . yenza busha isifungo sakho kulobubusuku futhi wenze isithembiso ukuthi uzoMkhonza.

248 Futhi niyazi ukuthi bengingeke ngime lapha, ngisho lokhu, uma bengingekho ngaphansi kokwakuhlukanisa. Omunye uthola ukubizwa kwabo kokugcina. Manje, kuyaphoxa ukudonsela ngaphandle abantu, ongemukeliwe. Siyakuqonda lokho. Kodwa kuyi—kuyihlazo, ukukubona ngalendlela, kodwa ngiyaqagela kufanele kube ngaleyondlela. Ngaphakathi kimi, nje into ethize ingidabula. Manje makuthi . . .

249 Nje ake nginikhombise okunye. Bukani lapha, nje ukunikhombisa ukuthi Usalokhu elapha. Abantu ogulayo nodingayo.

250 Ngibuka ngqo umuntu lapha olahlekelwe umuzwa wabo wokuhogela, ehlezi khona lapha, owesifazane. Uyakhuleka ngakho ngayo leyonkathi. Uma kunjalo, nenekazi, phakamisa isandla sakho uma kunjalo.

251 Lapha kuhlezi owesifazane omdala, ehlezi khona lapha ekugcineni. Ufika nje ungena kulelizwe namhlanje. Uvela eGeorgia. Unethumba elikhulukazi ngaphakathi kwakhe. Kubi kakhulu. Uzokholwa, angaphiliswa. Uyafika nje. Futhi igama lakhe uNkosazana Turner. Uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke manje, uJesu Kristu uzokuphilisa. Uyakukholwa na?

252 Uyakholelwa kuNkulunkulu na? Uyisihambi na? Awunalo ikhadi lomkhuleko, unalo na? Ufike nje namhlanje. Omunye uyafika futhi wakuthola. Uvela ezansi lapha esifundazweni sasenhla eGeorgia. Uyakholwa manje ukuthi—ukuthi uNkulunkulu . . . Indodana yakho iyafika futhi yakuthola. Kulungile. Manje, uyazi akunakwenzeka nhlobo kimi ukuba ngazi lokho, ngoba ungenile nje esikhashaneni nje esedlule, futhi wahlala phansi lapha. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Niyabo?

253 Manje, uMoya oNgcwele ofanayo osho lokho, uyafutha nje ngokumelana nabantu khona lapha. Niyabo? Ukhonjiwe, bafo. Ninga, ningakwenzi lokho. Ningakwenzi. Ne—nenza iphutha eliwubudedengu. Ngiyanithanda. Khumbulani, nifikela ukuzongizwa. Ngiyakuthakasela lokho. Uthando luyaqondisa.

254 Ubona ingane yakho phandle lapha esitaladini, ubungasho ukuthi, nje uthi, "Junior, ubungafanele wenze lokho?" Uzophuma, futhi umenze ahlale phakathi, uma umthanda.

255 Uthando luyaqondisa, hhayi ukunimbambatha. Ngifanele nginithethise. Khumbulani, yiminikelo yenu nezinto ngisho, okukhokhela lomhlangano, futhi owenza kwenzeke ukuba ube lapha. Ngabe ngiyanithanda na? Ngayo yonke inhliziyo yami.

256 Dadewethu, ungahle ucabange manje ukuthi nginokuthize okumelene nawe, ngokwenza izinto ozenzayo. Akusikho ukuthi nginokuthize okumelene nawe, dadewethu. Uthando lwami lokumesaba uNkulunkulu ngawe.

257 Omunye wathi, "Uma wawumncanyana, ubungeke ukucabange lokho." Ngacabanga lokhu ngenkathi ngiseneminyaka eyishumi nane ubudala. IBhayibheli lisho njalo. Yinto efanayo.

258 Ungalenzi lelophutha. Ungathembeli ekukhulumeni ngezilimi ngoMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele ukhuluma ngezilimi, kodwa ungathembi lokho futhi wenza izinto ozenzayo, usina eMoyeni, uhlobo oluthize lwedlingozi. UKristu unguMuntu. Impela. Ngenkathi . . . Futhi uyiZwi. Futhi uma Ephakathi lapho, Uhlala njalo enza iZwi laKhe lisebenze nje impela ngendlela eLifanele lenze ngayo. Uma uLenqaba, kungaba kanjani uKristu na?

> Woz'ekhaya, woza.

259 Umnyango usavuliwe. Khumbulani, ekwaHlulelweni, anginacala.

> Wena okhandlekile . . .

260 UJesu Kristu ekhonjiwe phakathi kwenu, efakazisa lokho, lowoMoya ofanayo. Wathi, "Ngezinsuku lapho iNdodana yomuntu iyokwembulwa." Unguyena izolo, namuhla, uJesu ofanayo impela owayehlezi nezinyawo ezingcolile. Ubeyomlekelela umzenzisi na? Ubeyomlekelela omunye umuntu obengalazi iZwi laKhe na? Leyo yinkomba ukuthi Uyalazi iZwi. Nginitshela iQiniso. Ningaledluli.

> Woz'ekhaya.

261 Isikhathi sokugcina. Ngimile lapha, ngilindele ukuhlangana nani. Amakamelo, kunenqwaba yekamelo phakathi lapho. Abantu baguqile, ndawo zonke.

> Wena okhandlekile, woz'ekhaya.

Nkulunkulu yiba nomusa, yiba nomusa. Anikuzwa lokho kudabukisa manje na?

> Kahle, nangomusa, uJesu uyabiza;
> Uyabiza, O soni, woz'ekhaya.

> Woz'ekhaya, woz'ekhaya.

UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Ukuma okukhulu.

> . . . woz'ekhaya;
> Kahle, nangomusa, uJesu uyabiza;
> Uyabiza, O son– . . .

262 Yini isoni na? Hhayi bona ababhemayo. Ukubhema akusiso isono. Ukuphuza akusona isono. Ukuthuka akusiso isono. Ukuphinga akusiso isono. Qhabo, qhabo. Leso yizingxenye zokungakholwa. Wenza lokho ngoba awulona ikholwa.

263 Kunababili kuphela: oyedwa, uyikholwa, noma awusilo ikholwa. Uma ungesilo ikholwa, akunandaba ukuthi ukholwa kangakanani, usalokhu uyisoni. Usalokhu uyisoni, uma

ungalemukeli lonke iZwi laleloBhayibheli, lonke iZwi laLo. "Ngokuba kokubili amazulu nomhlaba kodlula, kodwa hhayi ngisho icashaza elilodwa noma elilodwa elincane eliyokwedlula kuLelo." Futhi siyoziphendulela ngakho.

264 Wena uthi, "Awu, ngiyasonta. Abantu bami aba . . . " Lokho akunandaba. "Ngenza *lokhu*." Anginandaba ukuthi wenzeni.

265 Kuphakathi kokuthi uyikholwa noma isoni. Lokho kuqinile impela. Kodwa ngiyasho nje lokhu, ngoba, Lowo ofanayo owazi izinhliziyo zenu uyangitshela ukuba ngikusho.

266 Seniqedile na? Ngibona abanye ababili beza. Ngilindile nje, ngoba angazi noma kungahle kubekhona omunye futhi, owesifazane oyedwa nje. Awuzi ngani, ungene amanzi esazanyazanyiswa manje na? Yiba yinto enkulu, emizuzwini embalwa nje, emuva lapha. Woza, ungeke na? Sukuma lapho.

267 Yenza isifungo sakho kuNkulunkulu, "Nkosi Nkulunkulu, ngithethelele ngengikwenzile. NgiyaKwethembisa. Ngithe ngangingumKristu. Kodwa, Nkosi, kukhona oKuthize kimi, okungitshela ukuthi ngi—ngi—ngilahliwe khona manje eBukhoneni baLona ozikhomba Yena njengeNkosi uJesu Kristu. Ngilahliwe, khona ngqo enhliziyweni yami. Futhi ngazi ukuthi, phakathi lapha, kwenziwa lokhu kuchache, ngilahliwe. Ngiyangena, ukulungisa lokhu, khona manje. Ngizokwethembisa uNkulunkulu, khona lapha, ukuthi, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngokoqobo ngizophilela Yena." Ungeke wakwenza lokho na? Kulungile.

268 Ngenkathi, uma kuyilowo kuphela, manje asime ngezinyawo, nina phandle lapho, umzuzu nje. Ngifisa sengathi bengingacula. Ngingathanda ukucula leloculo.

> Ngithethelele, Nkosi, futhi ungivivinye kanye futhi.
> Ngizoba owaKho, Nkosi ethandekayo, uma Uzoba ngowami.
> Uma ngiwa, noma uma ngehluleka, mangivuke ngizame futhi.
> Ngithethelele, Nkosi. Ngivivinye kanye futhi.

269 Bangaki khona lapha manje ongamaKristu, futhi okholwa ukuthi ugxilise okwehange kuKristu, futhi ulungele ukufika kokwaHlulelwa na? Futhi uyokwazi, ukuthi, uma icilongo likhala, akuyikubakho-nto eyodwa eyokwenziwa kodwa nihlwithwe na? Kuyokwenziwa ngokushesha kakhulu, ngeke ube nesikhathi sokwenza enye into, "Ngesikhashana, ngokuphazima kweso." Kuyoba yini, ngolunye lwalezizinsuku na? Uma ukugeje lapho ke, kuze kubephakade, iPhakade, kuze kubephakade, njalonjalo, njalonjalo na? Siyosho ukuthini lesisikhathi esincane senjabulo yezwe na? Lutho.

270 Manje, ngicabanga ukuthi sonke sifanele ukunikela izimpilo zethu, phandle lapha, kuKristu. Anicabangi kanjalo na? Bangaki enithanda ukuphinda banikele izimpilo zenu kulokhu, kulobubusuku na? Ngizophinde ngizinikele qobo lwami, khona manje. Nkosi . . . Manje cabanga ngokuthi i . . . ukuthi isono sakho esithandelayo siyini, futhi asiphakamise izandla zethu kuNkulunkulu manje, ngamunye, ngendlela yakho uqobo.

271 Khumbulani, Ungosezindaweni zonke. Ngenkathi mhlawumbe abangamakhulu ayishumi nesishiyagalombili noma abayizinkulungwane ezimbili bekhuleka phakathi lapha, kunezigidi ezikhulekayo umhlaba wonke ngesikhathi esifanayo, futhi Uyabezwa bonke ngamunye. Akukho ngisho umzwilili ongawa esitaladini, kodwa Engawazi. Wazi zonke izimfihlo zenhliziyo yakho.

272 Asikhuleke sonke manje ngendlela yethu uqobo, sizinikele nje qobo lwethu kuKristu.

273 Nkosi Jesu, ngi . . . UBukhona baKho bebubukhulu kakhulu, ezikhashaneni nje ezedlule, kuze kubenzima ngisho ukuphefumula kimi. Kubonakale sengathi bengizosuka ngihambe. Futhi ngiyazi ukuthi kunesizathu esithize ukuthi Ufuna lokhu kwenziwe ngalendlela. A—angikuqondi, kodwa Uyakwenza, Nkosi. UnguNkulunkulu. Kodwa Uzikhombe Wena uqobo ngokucacile. Ulapha. SiyaKukholwa. Siyazi ukuthi Ulapha.

274 Futhi lapha endlini, izandla ezingamakhulu ziphakeme. Siyazinikela kabusha qobo lwethu.

275 Nkosi, phezu kwalelipulpiti lapho engishumayele khona, futhi ngiKubonile uma lapha uzikhomba Wena uqobo kuleliviki, ngi—ngi—ngiyaphinda ngiyazihlukanisela. Ngiyazinikela mina kabusha enkonzweni yaKho. Ngithethelele kuzo zonke izinkonondo zami ngokukhathala. Futhi—futhi—futhi, Nkulunkulu, nje ngithathe ngezingalo zaKho.

276 Sithathe sonke, Nkosi. Sithwale usisuse kulomnako wezwe, nalezizinto zezwe, Nkosi, ukuze sahlukaniselwe ngakho konke, izinceku ezizinikele zeNkosi uJesu Kristu. Siphe khona, Baba. Sizwe kulobubusuku.

277 Busisa labo osemuva lapha, befuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kwangathi kungafika inhlokomo futhi evela eZulwini, njengokuvunguza, umoya onamandla. Kwangathi ungagcwalisa wonke umuntu ophakathi lapho, ngoMlilo osuka ealtare likaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi.

278 SiyaKudumisa. SiKunika izibongo nodumo ngo—ngokusemukela. SiKunika izibongo nodumo ngabantu baKho. SiyaKudumisa ngoba Wathi, “Uma siyovuma izono zethu, uNkulunkulu ulungile ukuba asithethelele zona.” Siphe khona, Nkosi, ukuthi sonke sizothethelelwa. Futhi kusasa sizobona

umhlangano wokuphilisa omkhulu kunayo yonke lelizwe eselike lawubona, ngenxa yokuvuma kwethu. Siphe khona, Nkosi. Sizehlukanisela Wena, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Woza, Mfowethu Cox.

279 Zahlukaniseleni nina nje kuNkulunkulu, yonke ingxenye phakathi lapho. Ngizocela uMfowethu Cox manje, omunye wabelusi benu lapha, aqhube umkhuleko.

